# *IsiBonakaliso SaleSisiKhathi*

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

2 Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomzuzwana womkhuleko. Baba wethu waseZulwini onoMusa, sijabula ngempela kulobubusuku, ngenhlanhla yokuza lapha eNew York, ukukhonzisa abantu baKho, eGameni laKho. Sijabula kakhulu ukuhlangana nabo, sazi ukuthi kuneKusasa elikhulu lapho esiyohlangana khona, lapho esingasoze saba nomkhuleko wabagulayo, ngokuba abagulayo bayosinda kuze kube phakade. Abusophinde bubekhona ubusuku obude bomkhuleko wabalahlekileyo, ngoba bayosindiswa bonke ngaleyonkathi.

3 Futhi sibheke lolosuku lapho uJesu eyobonakala khona. Lokhu sibona ihora lisondela eduzane, nezibonakaliso nezimanga zikhomba kulesosikhathi, kusenza sime umzuzwana nje, Nkosi, ukuba sicabange ngathi uqobo; manje sibuza lowombuzo manje, "Ngihlole futhi ungivivinye, Nkosi." Futhi uma bubakhona ububi kithi, bukhiphe, Baba. Thina, sifuna ukuKukhonza ngenhliziyo emsulwa, izandla ezihlanzekile, ngokuba asazi ukuthi hora lini Ongahle usibize ngalo futhi usimemele Phezulu. Siyoza ukuba sihlangane naWe.

4 Uma bebakhona abanye phakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, ongaKwazi njengoMsindisi wabo, ukuxolelwa kwezono zabo, nabangakazalwa nguMoya kaNkulunkulu, kwangathi lobu kungaba ngubusuku abazokwenza ngabo lesosinqumo, noNkulunkulu abagcwalise ngobumnene baKhe. Philisa wonke umuntu ogulayo, Baba, phakathi lapha, bonke abahluphekile. Kwangathi kungebe bikho-muntu obuthakathaka endlini, uma inkonzo isiphelile, noma kungabi bikho soni. Kwangathi singabona lokhu kwenzeka odumweni nasenkazimulweni kaNkulunkulu. Sikucela eGameni loMntwana waKhe othandekayo, uJesu Kristu. Amen.

5 Hlalani phansi. Kuyinhlanhla enkulu futhi ukuba lapha, kulobubusuku, ukukhonzisa futhi eGameni loMsindisi wethu othandekayo, futhi ONgowenele konke.

6 Njengoba besikhuluma izolo ebusuku ngeNgelosi yeNkosi, esibonakalisweni eSodoma, ukuthi ngenkathi leNgelosi isala ngemuva, ukuba ixoxe no—noAbrahama; leNdoda eyayiyiNgelosi, kodwa kwakunguNkulunkulu esimweni somuntu, ngoba uAbrahama waYibiza ngokuthi, "Nkosi." Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi igama elikhulu elithi N-k-o-s-i livela ekutheni "ekuqaleni u*Nkulunkulu* wadala izulu nomhlaba," okusho u*Elohim*, okusho ukuthi

"Owenele konke, uSoMandla." NoNkulunkulu Wazenza waziwa lapho kuAbrahama, ngesimo somuntu. Umhambi onothuli nje, Ayebonakala enjalo. Ayizange isho ukuthi Ivelaphi. Kodwa qaphelani lapho Isikhuluma kuAbrahama, Yathi, "Ngizokwenza lokhu. Ngakwethembisa lokhu." Niyabo? Futhi yambiza ngegama lakhe—lakhe "ubaba," uAbrahama, owayekade esanda kushintshwa nje lisuka kuAbrama izinsuku ezimbalwa ngaphambili, kodwa manje usenguAbrahama. Futhi wabizwa esuka kuSarayi waya ku*Sara*, "inkosazana." Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wanyamalala phambi kuka Abrahama, wayesehlela eSodoma, naleso kwakuyisibonakaliso sabo sokuvala. Umlilo wehla uvela ezulwini futhi wabhubhisa konke okwaseSodoma neGomora, namadolobha azungezile.

7 Ekhombisa, ngesifaniso, ukuthi izwe labeZizwe liyokwenzani. Liyobhujiswa, liyobhujiswa ngomlilo. UNkulunkulu wakwethembisa lokho, ukuthi Akasayikubuye alibhubhise izwe ngamanzi, ngokusinika isibonakaliso. UNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle kwesibonakaliso. Futhi Usinika isibonakaliso sothingo lwenkosikazi, njengesivumelwano, Wayengasoze abuye abhubhise izwe ngamanzi. Futhi, manje, kodwa ngalesisikhathi ngumlilo.

8 Futhi njengoba uJesu abhekisela ezikhathini, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, ngenkathi umkhumbi usalungiswa, lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili yasindiswa ngamanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Bukani ingcosana lapho, "Njengoba kwenzeka, lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili yasindiswa ngamanzi." Futhi Waqhubeka futhi unikeza izimilo zangalolosuku, "bedla, bephuza, beganwa, bendiswa." Futhi uma . . .

9 Ngangikufunda lokho esikhathini esithize esedlule futhi ngangiphawula ngakho, ngishumayela ngakho. Ngase-ke ngibamba, uJesu wafunda uGenesisi ofanayo engimfundayo nani enimfundayo. Ngakho ngabuyela kuGenesisi 6, ukuthola ukuthi benzani ngalolosuku, futhi sithola ukuthi "amadodana kaNkulunkulu azithathele amadodakazi abantu." Ngabuka ehumushweni labo lapho, kwathi, "azithathele abesifazane," hhayi amadodakazi. Kwakufana neReno nje, iNevada; umshado nje, isehlukaniso, njengeHollywood, kanjalonjalo. Kwase kuthi-ke, "lawa ayengamadoda anodumo, asendulo."

10 Manje-ke nilibonile iphephabhuku i*Life*, lapho lelihlazo elikhulu liqubuka eNgilandi, lalawomadoda anodumo, nalezozifebe nezinto, nokuthi bakanjani ababusi bakithi. Futhi, o, he, isibumbatha esinje pho esikuso, sona impela nje isithombe uJesu athi siyokwenzeka, niyabo. "Bedla, bephuza, beganwa, bendisa, futhi abakwazanga kwaze kwaba lusuku uNowa angena ngalo emkhunjini."

11 Kwase kuthi-ke umnyango wavalwa. Lalingasekho ithuba. Leyo kwakuyintshumayelo yakhe yokugcina. Intshumayelo yokugcina eshunyayeliwe kunoma yiyiphi inkonzo enkulu ibikwabangenakwenzeka ukuba basindiswe. UNowa, umlayezo wakhe wokugcina wawuya kwabangenakwenzeka ukuba basindiswe. Niyabo, wangena futhi umnyango wavalwa emva kwakhe, futhi wayephakathi lapho izinsuku eziyisikhombisa ngaphambi kokuba liqale ukuna. Niyabo, umlayezo wakhe kuqala wawushumayela, akha umkhumbi, wase-ke evala ngci izinsuku eziyisikhombisa.

12 Abantu bathi, "Lolohlanya oludala. Niyabo, luphakathi nje lapho, luzivalele lona umnyango." Kodwa wavalwa nguNkulunkulu. Into efanayo yayiseSodoma.

13 Bukani iNkosi yethu uJesu. Ngenkathi Efika emhlabeni, WayengumProfethi osemncane waseGalile. Wangena emasinagogeni, wonk'umuntu wayeMthanda. Waphilisa abagulayo. Leyo kwakuyingxenye yaKhe yokuqala yenkonzo yaKhe, isigaba sokuqala. Isigaba sesibili kwakuyisiprofetho, lapho Eqala ukusola abaFarisi nabaSadusi bezinsuku zaKhe, abatshele ababeyikho nokuthi babephuphutheke kanjani futhi bengaKuboni, nokuthi Wayengubani, kanjalonjalo, niyazi, nokuthi kwakuzokwenzekani kubo. Ngalokhu Walahlwa ngecala, futhi phezu kwalezizisekelo Wabethelwa, kodwa babengenakuwumisa uMlayezo. Ungasimisa isithunywa, kodwa hhayi uMlayezo. NeBhayibheli lasho ukuthi "Wenyukela esihogweni futhi washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, ngesinye isikhathi eyayingalaleli," futhi lapho uMlayezo waKhe wokugcina waya kwabalahliwe.

14 Yibani ngokumangalisayo ukucabanga, manje, ukuthi ngezinye zalezizinsuku ukuthi abantu bayoqhubeka nokushumayela njengoba nje benza ngezinsuku zikaNowa, bayoqhubeka ngokufanayo nje, kodwa ezweni elilahliwe iminyango esivele uvaliwe. Asazi ukuthi sikhathi sini lokho okungenzeka ngaso. Ngakho uma ungesuye umKristu, kulobubusuku, kucabange kanzima ngempela. Kunike umcabango onzima.

15 Manje yinye kuphela into esikwazi ukuthi siyenze, ngukulandela iziyalo iNkosi yethu eyasishiyela zona, "Nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Iyazi ukuthi ubani osindisiwe nokuthi ubani ongasindisiwe. Asikwenzi lokho. Sivele nje siphose inetha olwandle, iveze zonke izinhlobo, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi ubani osindisiwe nokuthi ubani ongasindisiwe. "Futhi akekho ongeza kuYe uma uBaba engamdonsanga; nakho konke lokho uBaba aMuphe khona kuyakuza." Siyakwazi lokho, niyabo. Ngakho ngeke sasho ukuthi *lona* ngumKristu na*lowo* akasuye, ngoba Wathi, "Umbuso weZulu ufana nomuntu owathatha inetha wayeseya olwandle wayeseyiphosa phakathi. Eseyifakile inetha, wayenazo

zonke izinhlobo zezinto phakathi lapho. Kwakubakhona izilwembu zasemanzini, izilokazana, izinyoka, nezinhlanzi, nezinhlanzi eziyimithuthambi, nezinhlanzi ezinhle." Futhi, kodwa, niyabo, i—izilokazane zasemanzini nezinto ekugcineni zigaqazela zibuyele emanzini futhi, kodwa izinhlanzi ezinhle kwagcinelwa iNkosi. Manje asazi ukuthi iyona yiphi. Siphosa inetha nje.

16 Kodwa khumbulani, ukuthi isilokazana samanzi sasiyisilokazana samanzi ngenkathi inetha lihamba phezu kwaso. Ukuthonya komhlangano kwaba yilokho okwasibambayo. Inyoka yayilokhu iseyinyoka, inetha leVangeli lavele layidonsela phakathi nje. Nenhlanzi engumthuthambi yayiyinhlanzi engumthuthambi, ufudu lwasolwandle lwaluwufudu lwasolwandle, isikhuphashe sasiyisikhuphashe, niyabo. Kodwa inhlanzi yangempela yayiyinhlanzi, kwase kuqaleni. Ngakho Uyazi ukuthi yikuphi okuyikhona, ngoba Unamagama abo eNcwadini yaKhe, lafakwa lapho ngenkathi iWundlu lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

17 Silapha ukuzama ukwenza ingxenye yethu. Manje uMfowethu Vick ube ngale ekhoneni, ephosa inetha, iminyaka eminingi. Abanye abefundisi ubengakwamanye amakhona, ephosa inetha. Ngiza ukuzophica inetha lami nani bazalwane, ukuze sikwazi nje ukuphonsa inetha elikhulukazi, futhi nje sibe silokhu sidonsa, njengabadobi emakhoneni echibikazi. Ngolunye lwalezizinsuku, inhlanzi yokugcina izokhishwa echibikazini. Ukudoba kuyobe sekuphelile-ke. Asifune uNkulunkulu ngazo zonke izinhliziyo zethu, sikhuleke futhi sibe qotho njengoba sibona lelihora lisondela.

18 Manje, kulobubusuku sizokhulekela abagulayo. Siyakukhipha. Ngikholwa ukuthi uBilly . . . Angitholanga ukuxoxa . . . Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Lawo . . . Ya. Awu, hamba . . . Kuhle. Lokho kuhle. Kulungile.

19 Thina, izolo ebusuku, besizokwakhela lobubusuku, senzele inkonzo yomkhuleko. Ngase-ke ngicabanga ukuthi mhlawumbe ngithathe ubusuku noma obubili, bokushumayela nje. Futhi sizobona ukuthi bangaki ongakamemukeli uMoya oNgcwele. Naleyo yinto enkulu, niyabo. Uma ni—uma nithola . . . Uma niphilisiwe, UNkulunkulu uzoniphilisa, impela. Usevele ukwenzile. Nizofanele nikukholwe nje. Kodwa uma ninjalo, niyobuye nigule futhi uma niphila isikhathi eside ngokwenele, mhlampe. Kodwa uma nisindisiwe, lokho kwehlukile, niyabo, lokho. Niyabo?

20 Futhi manje sizosho lento eyodwa ngoba kukhona ngezinye izikhathi izihambi ezingenayo, mhlawumbe ezisemhlanganweni, mhlawumbe ezingakaze ziyibone inkonzo yokuphilisa. Futhi izikhathi eziningi bazama ukuqhasela lelozwi kuwe, "umphilisi ngokukaNkulunkulu." Kodwa akukho . . . Munye kuphela

umphilisi ngokukaNkulunkulu, lowo nguNkulunkulu. Futhi, ngokukhuluma ngokusobala, munye kuphela uMphilisi, lowo nguNkulunkulu.

21 Manje, odokotela abazisho ukuthi bangabaphilisi. Abasibo abaphilisi, abazisho ukuthi bayibo. Ukuba-ke bengiphumile ngase ngephuka ingalo yami phandle lapha, futhi ngangena ngase ngithi, "Dokotela, philisa ingalo yami, ngokukhulu ukushesha, ngi—ngifanele ngiqede umsebenzi wami"? Ubengathi, "Udinga ukuphiliswa kwenqondo." Awu, lokho, lokho bekungaba yiqiniso. Niyabo? Manje udokotela angayihlela ingalo yami, kodwa uNkulunkulu wenza ukuphilisa. Uma ngisikeka isandla sami, ngithi, "Dokotela, ngisikeke isandla sami, ngiphilisele sona ngokukhulu ukushesha." Angeke akwenza lokho. Into kuphela angayenza ngukusigeza; uma kwandile, angasithunga; kodwa nguNkulunkulu ozosiphilisa.

22 Niyabo, imvelo izofanele ikhulise izicubu, ukuphila. Ukuphila kuzofanele kuhlanganise lokho ndawonye. Umzimba uzofanele uveze isakhamzimba ikhalsiyamu, kanjalonjalo, futhi unokuphila ngesingawo. Ikhalsiyamu ingeke yaphilisa. Ngukuphila. Niyabo, akukho-muthi ongaphilisa. Umuthi kuphela ugcina kuhlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephilisa. Niyabo? Akukho-muthi ophilisayo.

23 Ukuba bengingasikeka isandla sami, bese ngiwa ngifele lapha, niyabo. Ukuba beningangiyisa kudokotela, futhi—futhi nithi, "Ungayiphilisa lendoda na?"

Ubengathi, "Ngani, ifile."

24 Kulungile, bese-ke nithi, "Asisithunge. Futhi ninomuthi othile ozophilisa lesosandla, aninawo na?"

"Qhabo, asinawo."

25 Niyabo, uma bengithunga, futhi banginike uketshezi lokugqumisa obelungangenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka eyikhulu, futhi banginike umjovo kazifo zonke nsuku zonke, bese ngifaka wonke umuthi wokugcoba kuleyondawo, ngempela ubungeke uphilise. Ngani na? Ngoba lokho kuphila kuphumile kuso.

26 Awu, manje-ke, ubani ongumphilisi, umuthi noma ukuphila na? Manje ngitshele ukuthi kuphila kuni, futhi ngizokutshela ukuthi uNkulunkulu ungubani. Niyabo? UNkulunkulu ungukuphila. Niyabo? U . . .

27 Sithe izolo ebusuku, "Sinokuningi kakhulu kwezihambisimshini, futhi hhayi amandla okuhambisa." Manje, umzimba wami uyizihambisimshini, kodwa umzimba wami awuzukusebenza ngaphandle kwamandla okuhambisa, umoya. Niyabo? Nomoya usebenza umzimba wami, uwuletha ekuwulawuleni.

28 Njenge—ngemoto ingenapetroli kuyo, ingenamandla okokhela umlilo, niyabo. Akunandaba ukuthi amandla okuhambisa mahle kanjani, noma ngiqonde . . . izihambisimshini silungisiwe, amasilinda, i . . . nama—maphoyinti namaplaki, nanoma yini enye, izofanele ibe nalapho kugijima khona ugesi futhi. Ufanele uthathe lezo kanyekanye.

29 Yileyondlela uNkulunkulu ayiyo. Kufanele kuthole ikholwa noNkulunkulu, ukwenza ukuxhumana, khona-ke into ethize izokwenzeka.

30 Ngakho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kufana nensindiso nje. Akukho-muntu oshumayela iVangeli lensindiso yomphefumulo wakho ongafuna ukubizwa ngoMsindisi wobuNkulunkulu, kodwa uyofana nje kakhulu noMsindisi wobuNkulunkulu kunanoma yimuphi umuntu obeyoshumayela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu obengaba ngumphilisi ngokukaNkulunkulu. Ngoba, umuntu ubengeke athi ubengasindisa umuntu, ngoba uJesu usevele ukwenzile lokho. Niyabo? Kulungile. Kodwa, ngokushumayela kwakhe, ubakhomba kuKristu OnguMsindisi.

31 Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuphela kubakhomba emsebenzini osuqediwe waseKalvari, "Ngokuba Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyabo? Niyabo? Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu akusiyo into omunye umuntu anayo, angayibeka phezu kwenu. Kuyilokho ukukholwa kwenu okuyikho emsebenzini osuqediwe.

32 Ukuba uJesu ubemi lapha kulobubusuku egqoke lesudu, Angipha yona, Ubengeke aniphilisa. Ubeyovele nje . . . U—Ubengahle . . . Ungahle wazi ukuthi bekunguJesu; kodwa Ubengeke akuphilisa, ngoba Usevele ukwenzile. Niyabo, ubuyofanele ukukholwe. Manje Ubeyothi, "Mntanami, awazi ukuthi ngemivimbo yaMi waphiliswa na?" Niyabo, Usevele ukwenzile. Sekuvele kungumsebenzi osuqediwe. Kuyinkathi edlule. Siyakukholwa nje manje. Futhi, kimi, iZwi lingenela. Uma utshele omunye umuntu ngento ethize, abangafuna ukuyikholwa, awu, lokho—lokho bekungakuxazulula, mabaqhubeke futhi bangakukholwa. Kodwa lowo akusuye uNkulunkulu, niyabo.

33 Kufana neculo elincane nje engangivame ukuzwa umfundisi nomkakhe belicula, "Hhayi njengabafayo bethethelelana. UJesu uthethelela futhi akhohlwe." Niyabo? Asikwazi ukukukhohlwa, niyabo, kodwa Yena angakwenza. UnguNkulunkulu. Angakukhohlwa; akukaze kube khona. Akufake oLwandle lokuKhohlwa, futhi angakukhumbuli ngisho. UnguNkulunkulu. Angakususa ngokuphelele enkumbulweni yaKhe. Kodwa thina singeke sakwenza lokho, niyabo. Angakwenza.

34 Manje uma niMkholwa, ukuthi Unenzele lokhu, "Waniphilisa ngenkathi E—ngenkathi Elinyazwa

ngeziphambeko zenu, nangemivimbo yaKhe niphilisiwe nina," inkathi edlule. Manje into kuphela enizofanele niyenze ngukukukholwa. Manje iZwi liyakufundisa. Akekho ongathi iZwi alikufundisi. Futhi Liyakufundisa, manje, futhi sibona ubufakazi obuningi kakhulu obubonakalayo babantu bephiliswa ndawo zonke. Kodwa kukhona ukuphilisa ngokukaNkulunkulu.

35 Manje ukuba bekungaba nguwe noma yimina, uma sithumele izwi lethu, futhi sinokuzibusa njengoNkulunkulu, awu, ukuba abantu bebengafunanga ukulikholwa, bebengeke badingeke; empeleni, yilabo abagulayo. Kodwa hhayi uNkulunkulu.

36 Kanti futhi Wamisa eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli, niyabo, konke lokho ngokupheleliswa koMzimba. NakuloMzimba, wonke umzimba wendawo, Wanikeza iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, nalezoziphiwo zi—ziyizinhlobo ezehlukene; ukuhlakanipha, ukwazi, ukukhuluma ngezilimi, iziphiwo zokuphilisa, ukuhunyushwa kwezilimi, kanjalonjalo; iziphiwo eziyisishiyagalolunye zokomoya, zonke ukukhombisa uthando lwaKhe ngaseBandleni, niyabo, ukuthi Ufuna nina nihlale ngokuhlelekile, uMoya oNgcwele omkhulu qobo lwaWo unguMphatheli weBandla. Kubi kakhulu sathatha umbhishobhi esikhundleni sikaMoya oNgcwele, ukuba abe ngumphatheli wethu, niyabo. Kodwa si—si . . . UMoya oNgcwele unguMphatheli uNkulunkulu amnikeza eBandleni, ukukhulisa iBandla, ukulikhuphulela ekuyaleni kukaNkulunkulu. Ngakho uMoya oNgcwele ngokukhululeka ubeka leziziphiwo eBandleni, futhi ngokuphelele ziyasebenza, uma nje ungayikuxhuxhuma futhi uzame ukuba nje uthathe ozicabangela khona.

37 Yilapho abantu benza khona amaphutha. Ngiyakuthola lokho phakathi kwabantu, ukuthi omuny'umuntu uthola konke ukuthonyeka nohlobo lokukhala kancane, ngoMoya oNgcwele. Okungukuthi, kuhle kakhulu, kuvuse amandla. Kodwa lapho omuny'umuntu oyoza kuwe bese ethi, "INkosi ayisho yini *ukuthi-nokuthi* na?" Niyabo, a—awudingeki ukuba ubanike impendulo. Ungakusho ngaphandle uma uNkulunkulu ekusho, khona-ke uno ISHO KANJE INKOSI. Khona-ke akukho-lutho olungakuvimbela ukuba kwenzeke. Kuzofanele nje kwenzeke.

38 Ngithatha noma ubani uku—ukuyala, kulobubusuku, anikaze niwuzwe uMoya oNgcwele ukhuluma emihlanganweni, wokuthi ISHO KANJE INKOSI, kodwa okwenzekayo impela ngaleyondlela, impela, ezigidini zezehlakalo. Uyabo, Kuzofanele kube yikho uqobo.

39 Ukuba uMoya oNgcwele ubungafika kulobubusuku futhi uthi kimi, ngombono, "Ngifuna uye emangcwabeni oMongameli, kusasa, ngizovusa uGoerge Washington," bengingamema izwe

ukuba likubone kwenziwa. Bekungadingeka kwenzeke, niyabo, ngokuba uMoya oNgcwele usho njalo. Lokho kukwenza kube yiqiniso.

40 Kodwa aze Asho lokho, wena uyalinda nje, uyabo. Uyabo? Uyazi ukuthi usindisiwe futhi uyazi ukuthi ugcwaliswe ngobumnene baKhe. Futhi uyazi ukuthi kanjani, uma Ekuwe, Uyokwenza ukuPhila kwaKhe kuwe. Ngakho yeneliswa nje. Ufuna ukukusebenzisa, impela Uzokwenza, uyabo. Uyazi lapho okhona.

41 Futhi ngiyacabanga, ekwenzeni lokho ngothando nenhlanganyelo nomunye nomunye, sizikhohlwa zonke lezizibumbatha, amahlelo nemigoqo, nempi enkulu kaNkulunkulu imasha iya phambili ngasekunqobeni.

42 Ngizofunda ingxenye encane yomBhalo, kulobubusuku, nabaningi benu bangahle bafune ukufunda bahambisane nami. Uma nifisa, ngani, impela ningakwenza. Futhi manje sifuna ukuphenya eNcwadini kaMathewu oNgcwele, isahluko 12, uma ningathanda ukufunda kanye nami njengoba ngifunda. Evesini 38, likaMathewu oNgcwele isahluko 12.

43 Futhi ngifuna ukumemezela manje ukuthi indaba engifuna ukukhuluma ngayo ithi: *IsiBonakaliso SaleSisiKhathi*. Lena yindikimba encane ejwayelekile, futhi ngikhuluma lokhu nje ngoba kade ngikhuleka. Futhi a—angithandi ukuchezukela ekushumayeleni okul'khuni bese kuthi-ke ngibuyele kulowomugqa futhi. Ngoba, noma ubani uyazi, ukuthi iziphiwo zikaMoya oNgcwele, zisebenza ngomgudu othize. "Kuneziphiwo zokuphilisa, ngoMoya ofanayo; iziphiwo zezilimi, ngoMoya ofanayo," omuny'umgudu nje, futhi uzidonsa wena uqobo usuke kwesinye uye kwesinye. Ngakho asifunde manje. Uma ni . . .

> Kwakukhona *kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esivela kuwe.*
>
> *Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha asiyi*kun*ikwa-sibonakaliso—asiyi*kun*ikwa-sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*
>
> *Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*
>
> *Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*

*Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emi*khawulweni *yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.*

44 Siyathola lapha ukuthi iNkosi yethu, emBhalweni ebesisanda kuwufunda nje, lokho kwakusenkambisweni ngqo yalokho okwakukholwa ngamaJuda. AmaJuda ayekholelwa ezibonakalisweni. Futhi ayefika kuJesu, labosiyazi besayense yezenkolo, futhi wayexoxa naYe, ukuthi babethanda ukubona isibonakaliso esivela kuYe. Manje niyabona ukuthi ayephuphutheke kanjani na? Wayesevele esikhombisile isibonakaliso saKhe, lokho Ayeyikho, ukuthi WayenguMesiya.

45 Besikulokho ngokuhlwa kokugcina. Bangaki obelapha izolo kusihlwa na? Ake sibone. Lokho kuhle. Kulungile.

46 Besikulokho ngokuhlwa kokugcina, futhi safakazisa ezethamelini, ukuthi isibonakaliso sobuMesiya Ayefanele ukusibonisa, ukuthi WayengumProfethi uMose athi uyovuka. "Nawo wonke lowo ongamkholwanga lomProfethi, wayeyonqunywa phakathi kwabantu. INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengaMi." Futhi ngenkathi Efika futhi wenza isibonakaliso somProfethi, awu, abaningi babo babefuna ukuba bathi Wayengu—nguBelzabule noma omunye umoya omubi.

47 Futhi Wabatshela, wathi, "Manje, lokhu, lokhu nizothethelelwa khona. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika, futhi nikhulume ngokumelana naLowo enza umsebenzi ofanayo, kusobala, anisoze nathethelelwa khona, kulelizwe noma ezweni elizayo."

48 Manje sifuna ukusondela kulezizinto hhayi nje kalula, sifanele ngobuqotho size kulokhu futhi sibone. UJesu wenza lesositatimende, ukuthi nxa uMoya oNgcwele ufika ukuzokwenza umsebenzi ofanayo Awenzayo, ukuthi ukukhuluma izwi elimelene naWo, kwakungasoze kwathethelelwa ezweni noma ezweni elizayo.

49 Manje, khumbulani, uMoya oNgcwele awunikezwanga kwaze kwaba yiPhentekoste. NamaJuda ayesevele kufakaziwe kuwo nguMuntu uJesu Kristu; amaSamariya kwase kufakaziwe kuwo nguMuntu uJesu Kristu. Ngakho uNkulunkulu olungileyo wayengenakubalahla abantu abalungileyo, kuzofanele kubekhona abantu abangalungile ukuba uNkulunkulu abalahle. Awu, manje-ke, loMoya oNgcwele ufanele ubuye ngezinsuku zokugcina phezu kwebandla futhi ubonise lezozibonakaliso ezifanayo njengoba Enza ngaleyonkathi, ngoba uNkulunkulu akayishintshi neze indlela yaKhe.

50 UNkulunkulu akayenzi neze into eyodwa nga*le*ndlela, futhi enye indlela enze enye into ngendlela ehlukile. Niyabo, isinqumo

saKhe sokuqala siphelele ngoba UnguNkulunkulu. Niyabo? IZwi laKhe lingeshintshwe. A—A—Akafundanga okunye futhi kuleminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha esinayo yomlando womuntu. Akazange afunde okunye futhi kunalokho Akwenza emuva lapho, ngoba Ungongenasiphelo kwase kuqaleni nje. Niyabo? Futhi Akaliguquli neze iZwi laKhe—laKhe—laKhe—laKhe. Ufanele . . .

51 Wakhetha ukusindisa umuntu ngeGazi elichithiweyo longenacala. Sizame ukubafundisa imfundo, sizame ukubahlela, sizame yonk'into ezweni, nempilo yenhlaliswano, futhi kwehluleke konke nokunci, futhi kuzoqhubeka ukuba kwehluleke size sibuyele phansi kweGazi. Yileyondawo kuphela okukhona inhlanganyelo.

52 UNkulunkulu akaguquki neze. Nxa uNkulunkulu esho noma yini, lokho kufanele kuhlale njalonjalo. Uma uNkulunkulu . . . Uma umuntu eza kuNkulunkulu, noNkulunkulu wamphilisa lowomuntu phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe, Uzofanele enze kumuntu olandelayo ngendlela efanayo, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Ephilisa umuntu wokuqala. Uma Asindisa umuntu phansi kweGazi, naLelo kuphela, futhi ezovumela omuny'umuntu angene phansi kwemfundo nje noma engusiyazi othize wezenkolo noma okuthize, ngaphandle kweGazi elichithiwe libhecwe kuye, Wenza ngokungesikho ngenkathi Edinga iGazi ngomuntu wokuqala. Niyabo, Ufanele ahlale efana njalonjalo. Inhloso yaKhe ibifana njalo. Izenzo zaKhe besifana njalo.

53 UNkulunkulu akukho sikhathi ake asebenzane nanoma yiyiphi inhlangano. Kutholeni emlandwini. Njalo usebenzana nomuntu ngamunye, neze iqembu; umuntu ngamunye. Siyathola emlandwini, ukuthi ngenkathi amadoda amakhulu evuka, iNkosi yayiwathumela enkundleni, futhi uma eshona, ayeba nenhlangano emva kwawo. Futhi akukaze kubekhona isikhathi abantu abake bahlela kodwa leyonhlangano yafa, futhi ayizange ibuyele futhi emazingeni okomoya njengoba yayinjalo. Ngisanda nje—ngisanda kuqeda nje cishe ngeminyaka engamashumi amabili yomlando weBhayibheli, ngakho akukho-ndawo ukuthi bake bavuka futhi.

54 UNkulunkulu usebenzana nenamuhla. Akwenza kusasa kukuYe. Futhi njalo Usebenzana nathi, nomuntu ngamunye, niyabo, ngoba amaqembu abantu anemiqondo eminingi kakhulu.

55 Bukani, ngisho nabaphostoli, emva kokuba bazama ukukhetha oyedwa, ngenxa yokuwa kukaJuda, benza inkatho futhi yadla uMathiya. Lokho kwakungokwedlula konke ababengakwenza ngezihluthulelo kuwo uMbuso. Futhi akukho-mBhalo olotshiwe lapho enza khona noma yini. Kodwa uNkulunkulu wakhetha uSawule, umfo omncane onolaka olubi,

kodwa Wadingeka amphose alale ngomhlane ngoluny'usuku futhi—futhi ambhekise phezulu isikhashana. Wayesethi, "Ngizombonisa ukuthi zinto zini ezinkulu azoNgihluphekela ngazo." Niyabo? Niyabo, ibandla lakhetha uMathiya, kodwa uNkulunkulu wakhetha uPawulu. Niyabo, yilowo umehluko. UNkulunkulu njalo wenza ukukhetha kwaKhe, ukhetho lwaKhe. UNkulunkulu wenza lokho ngokhetho, ngokwaziphambili kwaKhe.

56 Manje sithola ukuthi uNkulunkulu njalo wayesebenzana nabantu, ngezibonakaliso nezimanga. Wethembise izibonakaliso zezinsuku zokugcina. UNkulunkulu angeyiguqule inqubomgomo yaKhe. Njalo ukhuluma kubantu ngabaprofethi baKhe. Kubenezikhathi eziningi, kusukela konke eminyakeni; kodwa uNkulunkulu njalo wayenomprofethi ndawo ndawo Ayekwazi ukukhuluma kuye, bonke iZwi leNkosi elaliza kuye, futhi lowo kuphela, niyabo, phezu kwalowomprofethi. Niyabo?

57 Babehla njalo futhi bathole lapho lomprofethi ayekhona. U*mboni* kusho—u*mboni* kusho noma "umbhuli noma osho ngaphambili," ungumboni obona izinto ezokwenzeka. Futhi uyibikezela kubantu. NeBhayibheli lathi, "Uma ingafezeki, khona-ke ningamuzwa." Kuzofanele kube ngazo zonke izikhathi. UNkulunkulu angehluleke, niyabo. "Futhi uma ingafezeki," khona-ke Wathi, "Wayengenaye lowomuntu." Ngakho phezu kwalokho, abantu babazi ukuthi iZwi leNkosi lalinalomboni Ayenaye, ababoni beTestamente eLidala.

58 Manje uMoya oNgcwele akayiguquli leyonkambiso. UJesu wathi, "Nxa Yena uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, Uyonikhombisa lezizinto eNginifundise zona, eNgizisho kini, futhi Uzonikhombisa izinto ezayo." Niyabo, Akayiguquli neze inqubo yaKhe; njalo iyafana, ngakho-ke singaba nalo ithemba kuYe.

59 Kodwa, niyabo, ingxenye yethu yobuntu isithandela konke ezintweni ezehlukene, namaqembu amadoda lihlangana ndawonye futhi livotele *lokhu* na*lokho*. Yilapho okusintshinga khona kusikhiphe emgqeni, niyabo, futhi bethi, "Awu, Lokhu kwakungokolunye usuku." Qhabo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi lonke iZwi liphefumulelwe, konke okwaLo.

60 Manje uJesu wafika impela ngesibonakaliso esasizoMlandela, njengoba uMose abikezela ukuthi uMesiya wayezoba ngumProfethi ogcotshiwe iNkosi eyayizomvusa, futhi Wayesekhombise ngokucacile ukuthi WayeyilowomProfethi. Futhi manje lababaFarisi beza kuYe base bethi, "Mfundisi, sifuna isibonakaliso esivela kuWe."

61 Wathi, endaweni eyodwa Washo, uma beningathanda ukukufunda, kuMathewu oNgcwele isahluko 16 nevesi 3, 1 kuya kwele 3, baMcela futhi isibonakaliso. Wayesethi, "Nina baFarisi abayizimpumputhe, bazenzisi, niyaphuma futhi nibone ilanga

lishona," wayesethi, "ni—nithi, 'Kusasa lizobe libalele.' Uma libhejile kancane liguqubele, nithi, 'Lizakuphendula.'" Wathi, "Nina bazenzisi, ukuma kwezulu niyakwazi ukukuchaza; kodwa isibonakaliso sesikhathi, anisiqondi." Babefanele bakwazi.

62 Manje, manje uma loMoya oNgcwele ufika ngezinsuku zokugcina uzofanele impela ube ngukuPhila kukaKristu eBandleni, niyabo, nezwe elihleka Lowo noma elisho izwi elilodwa elimelene naWo, ngegunya leZwi likaNkulunkulu, liyobhujiswa. Ngakho niyakubona okwenziwe yizwe, ngakho uNkulunkulu ukuba anise ehlise ukwahlulelwa kuvela ezulwini kuhamba ngokohlelo impela khona manje. Isizwe sakithi, amadolobha akithi, izwe lakithi, kuvuthwele ukwahlulelwa.

63 Futhi ngiqinisekile ukuthi kuleyiti kunoma sicabanga. Wathi Uyodingeka akufinyeze ngenxa yabaKhethiwe, kungenjalo akuyukubakhonyama esindiswayo.

64 Cabangani ngalokho, usuku nosuku, unyaka nonyaka, kuya ngokuba kubi kakhulu. Bukani nina bantu bobungcwele, bantu bePentecostal, ukuthi ukonakala kungene kanjani phakathi kwamabandla; eqophisana, eqhubeka.

65 Bukani abesifazane bakithi. Kwakuvamise ukuthi kungabi ngokufaneleyo kubo ukugunda izinwele zabo; iBhayibheli lithi, "Akufanele." Kodwa bayakwenza noma kanjani. Kungukuthi, iBhayibheli lathi bangakwenzi. Nokugqoka lezizingubo ezibukeka njengezingubo zabesilisa; iBhayibheli lathi, "Leso yisinengiso kuNkulunkulu."

66 "O," wena uthi, "lokho ngamaMethodisti." Lokho ngamaPentecostal. Kunjalo. Yiwo onke, niyabo.

67 Kungani na? Nithanda izinhlelo zenu zethelevishini kakhulu kunoma ninakekela ngokufunda iBhayibheli. Niyabo, ne—nenza labobantu babe yisibonelo senu esikhundleni seZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Manje, manje-ke, kuzofanele kube ngukwehlulelwa, futhi kuya ngokuya kuba kubi kakhulu kuba kubi kakhulu.

68 Manje uJesu wabatshela ukuthi siyobakhona isibonakaliso. Wakhuluma ngezibonakaliso zosuku lokugcina. Futhi izolo ebusuku usitshelile, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawuzokwembulwa ngosuku lokugcina, enyameni yomuntu, okwazi ukwehlulela imicabango osengqondweni, inhliziyo."

69 Manje iBhayibheli lithi iZwi likaNkulunkulu liyakwenza lokho, amaHeberu 4, "IZwi likaNkulunkulu liqine kakhulu, linamandla kakhulu, futhi libukhali kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kuhlukaniswe, umnkantsha wethambo, nomahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo."

70 Yingalesosizathu, uJesu wayeyiZwi. "Ekuqaleni," uJohane oNgcwele 1, "ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Yingalesosizathu Wayekwazi ukubuka phezu kwabo bese ebona imicabango yabo.

71 Yingalesosizathu Akwazi ukutshela owesifazane emthonjeni, niyabo, ukuthi, "Unamadoda ayisihlanu."

72 Yingalesosizathu Akwazi ukusho ku—kuFiliphu, ngenkathi ekhuphula uNatanayeli; Wathi kuNatanayeli, "Bheka, umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

73 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona."

74 Umahluleli wemicabango, o, izindawo eziningi kakhulu emBhalweni ezikhomba Yena uqobo! Lokho kwakungayi kwabeZizwe. Akakaze nakanye ake azikhombe Yena uqobo kwabeZizwe kanjalo. Hlolani imiBhalo. Akukaze nakanye. Lokho kunamhlanje. Niyabo? AbeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili, yokutadisha nesayensi yezenkolo; uthathe abantu kwabeZizwe, beGama laKhe; kodwa manje isikhathi sesifikile ukuthi lokhu kufanele kwenziwe ngaphambi nje kokuba kushiswe njengoba kwakunjalo eSodoma.

75 Nangu uJesu wayelapha nesaKhe esikhonjiwe, isibonakaliso esiqinisekisiwe, isibonakaliso sangokomBhalo kubantu, nokho lawomaJuda ethi, "Ngithanda ukuKubona wenza isibonakaliso."

76 Sewake wababona abantu abangakholwayo, bayosho lokho kuwe, "Uma kukhona, ngazi ngo*s'bani-bani* enhla emgwaqeni, uma Ezobaphilisa!" Niyabo? O, ku—ku . . . Ungabona ukuthi nguSathane, into efanayo.

77 Uyazi bathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni." Babeka indwangu ekhanda laKhe, bathi, "Lomfo uthi Ungu 'mProfethi.'" BaMshaya ekhanda ngenduku, nendwangu phezu kobuso baKhe, bathi, "Manje profetha futhi usitshele ukuthi ubani oKushayile," ngenkathi bedluliselana induku omunye komunye, bathi, "sizoKukholwa."

78 Kodwa, niyabo, uNkulunkulu akahlekisani namuntu. UJesu wathi, "Ngenza lokho kuphela uBaba aNgikhombisa khona." Niyabo? Futhi kunjalo.

79 Futhi leyo yinceku yeqiniso kaNkulunkulu, njalo ilalela iNkosi yayo. Niyabo? Hhayi ukubukisa noma—noma usho into ethize ukuthokozisa omunye umuntu, kodwa ibeqotho futhi yethembeke kuYe oyithumile. Leyo yinceku yeqiniso kaKristu.

80 Njengo Eliyeza, umkhulumeli, efika evela kuAbrahama, niyabo, ukuthatha umlobokazi aye ku—aye kuIsaka, uRebeka omuhle; olalelayo, inceku eyisibonelo, niyabo,

wayesemsebenzini wenkosi yakhe, yedwa. Uhlobo olunje lukaMoya oNgcwele namhlanje, into efanayo, ikhipha uMlobokazi, niyabo, ngesikhathi sokuhlwa ngenkathi izinkanyiso ziphuma.

81 Manje babefuna ukubona isibonakaliso. Nakuba Wayekade ekhonjiwe, ngempela ezibonakalisweni zangokomBhalo, nokho babengafuni ukukholwa isibonakaliso seBhayibheli. BabeMfuna ahlekise. Aniboni na? Lolo uhlobo olufanayo lomoya olwathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yala lawamatshe aphenduke abe yizinkwa. Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, Ziwise phansi lapha, ngoba kulotshiwe Uyakuyaleza iziNgelosi zaKhe ngaWe; funa Uqhuzuke ngonyawo lwaKho etsheni, ZiyakuKuthwala." Kodwa Wayengaqhuzuki ngonyawo lwaKhe etsheni. Niyabo? Impela. Futhi Washo futhi lapho, uma niqaphelile, ngenkathi Ebeka lokhu phezu kwesiphambano, kanjalonjalo; manje lowomoya lapha wawukulababaFarisi, bethi, "Sifuna isibonakaliso."

82 Wathi, "Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso." Qaphelani.

83 Futhi Yena, uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka ubenezibonakaliso zabantu baKhe. Futhi ngaphandle kokwenza noma yini, uNkulunkulu uthumela isibonakaliso, njalo Uthumela isibonakaliso kuqala. Futhi Wethembisa ukuthi Uyokwenza into efanayo, ngoba Angeguquke. Ngakho uma sibona isikhathi sokuphela sibonakala, nezibonakaliso zokuphela kwesikhathi, ngisho nesibonakaliso sokugcina esethenjiswa ngaphambi kokuba iSodoma lishe.

84 Sibe nokujabula. Sibe nezi—zinkanyezi zizanyazanyiswa ezulwini. Sibe nezimpi, namahemuhemu ezimpi. Sibe nokuzamazama okuningi komhlaba kuzindawo ngezindawo, nazozonke lezo zinto. Ne, ziphiwo zikaMoya kubuyele ebandleni. Sibe nazo zonke lezizibonakaliso ezehlukene, izinkonzo ezinkulu zokuphilisa nezinto, zibonakala. Konke lokho yizibonakaliso.

85 Kodwa isibonakaliso sokugcina, ngaphambi nje kokuba abeZizwe bashiswe, kwakuyisibonakaliso: uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni yomuntu. Impela. NoJesu wathi lokho kuyakuba sekubuyeni kwaKhe. Besifanele sicophelele manje futhi sibe kahle ngempela noNkulukulu. Qinisekani ukuthi nikahle, manje.

86 Zazi njalo ku, amaJuda, njalo kwakungukwethembela ezibonakalisweni zawo, niyazi ngalokho, esikhundleni sesayensi yezenkolo nezifundo. Ayedingeka athembele esibonakalisweni, ngoba ikholwa langempela leqiniso njalo likholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wamandla.

87 Futhi lapho okukhona khona uNkulunkulu, izibonakaliso sizofanele senzeke. Niyabo, kufana nje nokugqula isinqamu

sensimbi, eshisayo, esikhandelweni, niyabo, kuzofanele kuqhashe izinhlansi. Kuyabonisa. Futhi nomaphi lapho kukhona khona uNkulunkulu, kunjalo futhi, kunezibonakaliso nezimanga. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," inkonzo umhlaba wonke jikelele, niyabo. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela," njalo izibonakaliso. UNkulunkulu njalo unikeza izibonakaliso, njengoba Enza ekuqaleni, futhi uzinikeza kuzozonke izizukulwane, ekupheleni.

88 Wasenza ngesikhathi sikaNowa. UNowa wayeyisibonakaliso kulesosizukulwane. Wayewuhlanya emehlweni ezwe. Kososayensi, ngani, umlayezo waKhe—waKhe wawungenakubambisana ngalutho nokuqonda kwabo kwesayensi. Wathi, "Amanzi ayehla evela emazulwini futhi azochichima umhlaba."

89 Babengahle bakwazi ukudubula inyanga, noma ngomshini wabo okwazi ukukhombisa izinto ezisithekile irada, kumbe noma ngabe kwakuyini. Bathi, "Akukho-manzi phezulu lapho. Ngingakufakazisa ngokwesanyensi akukho-manzi lapho," kungahle ukuba kwasho ososayensi.

90 Kodwa uNowa wathi, "UNkulunkulu angakwenza. Uma kungekho-manzi lapho, UnguMdali, Angawabeka amanzi lapho. Futhi Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani." Kodwa wayeyisibonakaliso. Waqhubeka akha umkhumbi lapho okwakungekho-manzi awo ukuba untante kuwo, kodwa wa—wawakha noma kanjani. Wayeyisibonakaliso kulabobantu.

91 Awu, uMose wayeyisibonakaliso eGibhithe, ngenkathi bebone lezizimangaliso ezinkulu, kanjalonjalo. USolomoni, kwehle njalo.

92 Manje-ke siyathola lapha ukuthi babiza uJesu... isibonakaliso Ayebanika sona, isibonakaliso sobuprofethi sangeqiniso somBhalo wabo.

93 Manje kunenqwaba yezibonakaliso engesizo izibonakaliso zangokomBhalo. Sifanele sibe nezibonakaliso zangokomBhalo. Kufanele kufike ngo ISHO KANJE INKOSI, kuphuma kuleliBhayibheli, niyabo, khona-ke siyazi ukuthi siqinisile. Kusobala, kunenqwaba yezinto ehambisana nalokho, ukuthi uNkulunkulu Angenza noma yini ayifisayo. UnguNkulunkulu. Kodwa ngiyazi Uyaligcina iZwi laKhe, ngakho ngifuna ukukubona eZwini laKhe, khona-ke ngiyazi ukuthi kuqinisile ngoba yiZwi.

94 Manje sithola ukuthi ngalesisikhathi, uJesu ebonisa isibonakaliso saKhe sangokomBhalo, futhi nokho babiza lesosibonakaliso sangokomBhalo...Ngoba babengafuni ukukholwa yilokho ukuthi yisibonakaliso sangokomBhalo, babefanele bathole impendulo eya kubantu, ngakho bathi, "Ngu—ngumqondo waKhe. U—Ukhwelwe yidemoni." Futhi

Ubizwa ngokuthi, baMbiza ngokuthi u, “Belzabule.” Futhi wayebasola ngalokho. Kuyobanjani uma Esefika futhi na?

95 Qaphelani, Wabhekisela kuJona. “Njengoba kwenzeka emihleni kaJonase,” kuchaza uJona, “kuyakubanjalo eNdodaneni, ukufika kweNdodana yomuntu.”

96 Manje abantu abaningi bayamlahla uJona. Angimlahli uJona. Niyazi, bathi, “Awu, unguJona.” Nisizwile lesosisho. Kodwa anifanele nenze lokho, maKristu. Anifanele nilahle izinceku zikaNkulunkulu. UJona wayengumprofethi. Wayengaphumile entandweni kaNkulunkulu. Wenza khona impela nje. Ufanele akwenzele isibonakaliso lokho. Yonke into eyenzekayo, hhayi ngokwenzeka nje, yenzekela isibonakaliso.

97 Ngesiny’isikhathi, umprofethi wadingeka aganwe yisifebe, abe nabantwana ngaso. Omunye walala ngohlangothi lwakhe izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi amane, waseke ephendukela ngakolunye uhlangothi. Omunye wahhundula izingubo zakhe. Futhi nje yonke into yenzelwa izibonakaliso, niyabo. NoJona wadingeka akwenzele isibonakaliso.

98 Khumbulani, uAbrahama wadingeka aganwe nguHagari, ngokuphambene nentando yakhe uqobo, ngenkathi uSara enikeza incekukazi, kodwa wakwala. Kodwa uNkulunkulu wabonakala kuye, wathi, “Mlalele uSara, ngoba owesifazane okhululekileyo akayikulidla ifa nesigqilakazi.” Wadingeka abe nomntwana akhishelwe ngaphandle. Kwakuyini na? Isibonakaliso. Konke okwakho yizibonakaliso. UNkulunkulu izinto uzenzela izibonakaliso.

99 NoJona wayeyisibonakaliso. Manje uma niqaphela, uJesu ubhekisela kukho lapha, “Esibuthakathaka, isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso, futhi bayosithola. Ngokuba njengoJona umprofethi wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo ifanele iNdodana yomuntu, niyabo, ukuba ibe senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.” Wayeyisibonakaliso sani uJona ngaleyonkathi na? Wayeyisibonakaliso sokuvuka. Kulungile.

100 Manje, uma sake sabakhona isizukulwane esiphendukezelwe, siphila kuso. Siyakwazi lokho. Ngesiphendukezelwe, ngokwengqondo, okomzimba, okoncansi, yonke into. Siphendukezelwe. Isizukulwane esibi, abangakholwayo, kakhulu ngiqagele kunoma sake saba naso. Ba—bayi—uhlobo lobufundisi lwabangakholwayo, futhi nalowo ngol’khuni kunakho konke ukusebenzana naye.

101 Ngiyisithunywa senkolo. Ngike ngama ezinkundleni futhi ngabona lapho benyusa khona abahedeni, ababengazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunene. Babengazi. Awu, si—siza esimnweni saso. Asikaze sizwe ngoNkulunkulu. Manje

sifuna ukubona into ethize. Futhi uthi nje ungafakazisa kuso ukuthi yini iQiniso, siyokwemukela.

102 Kodwa umhedeni ofundile; niyabo, lelo yigama elibi kabi ukulisebenzisa, kodwa liyiqiniso. Niyabo, umhedeni ofundile, ufuna ukudonsa umbono okungowakhe ngakho, niyabo, wazi kakhulu impela ngakho. Akakwazi ukuzithoba ekukholweni okulungileyo, ukubuka eZwini likaNkulunkulu.

103 Yingaleyondlela labobaFarisi ayeyiyo ngalolosuku, babengabuki nje eZwini. Lalilapho, kodwa babengafuni ukuLibona. Nengxenye embi, ukwazi ukuthi babephuphutheke ngempela. UNkulunkulu wakwenzela isibonakaliso lokho.

104 Manje bonani namhlanje-ke, isibonakaliso lesisizukulwane esibi esiphila kuso esizosibona, sizoba isibonakaliso sokuvuka. Akashongo ukuthi kuyoba khona "oyedwa." "Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso, futhi ziyokwemukela isibonakaliso sikaJona; ukuvuka." Futhi kulesi esibi, esiphingayo, isizukulwane esiphendukezelwe esiphila kuso, umhlaba wonke! Ningacabangi ukuthi ninaso sonke eNew York. Aninazo; zisemhlabeni wonke jikelele. Ningacabangi ukuthi iMelika iyona kuphela enazo; zisemhlabeni wonke jikelele. Kunjalo. "Isizukulwane esiphingayo," niyabo, yizo ezizokwemukela isibonakaliso sokuvuka.

105 Kuzozonke lezizinsuku, ukuthi nxa sinoBuda, amaShikh, amaJeyini, o, zonke izinhlobo zenkolo, izinkulungwane zalezozimo umhlaba jikelele, zonke zingakuyisa ethuneni labaqambi bazo. Kodwa ubuKristu bunethuna elingenalutho. Niyabo?

106 Akusikho lokho kuphela, kodwa ungeke wababiza labobantu, uthi, "Uphila enhliziyweni yami." Bayokubuyisela ngqo eZwini laKhe. Bayokwenza ngempela. Bayokubuyisela eZwini laKhe ngqo. Ya. Ungeke waveza isayensi ephathelene nakho konke okuthintana nengqondo ku—kumhedeni, niyabo, ngoba unkulunkulu wakhe uhlala enhliziyweni yakhe, futhi.

107 Ngibone abakaMohamede belala emgwaqeni, futhi bathi, "Ala, ala," baze baphiyaphiyaze kakhulu baze bathathe isinqamu so—socezwana lokhuni futhi babhoboze ngalo eminweni yabo—yabo, bangaluzwa neze.

108 Ngibone indoda eZurich, eSwitzerland, ithatha inkemba futhi yabhoboza amaphaphu ayo ngqo, kanje, futhi ibhoboza ngayo ngqo. Futhi kwaba nodokotela oza emsamo, futhi wathela amanzi aphumela lapho inkemba, yaphumela kwelinye. Yayidonsa, futhi ingophi neze. Niyabo? Athathe umkhonto omude bese ewuhloma esilevini sabo, bese bewuhloma ekhaleni labo.

109 Manje, kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani uma uyokhuluma ngoNkulunkulu kumuntu onjalo. Ubuwazi kangcono. Isayensi ephathele nakho konke okuthintana

nengqondo ingeke isebenze. Uzokutshela lokho ngokukhulu ukushesha. Uzofanele wazi ukuthi ukhuluma ngani.

110 Kodwa khumbulani uNkulunkulu owayenoElija eNtabeni iKameli, UsenguNkulunkulu namhlanje ngokufanayo nje. Futhi ngiMbonile ngaphambili ngokwangempela amakhulu ezinkulungwane zabantu, ekwenza; niyabo, ngibona izinyangabathakathi, ngamashumishumi, bemi lapho futhi bakuphosele inselelo, futhi bhekisani uMoya oNgcwele ukuthi Wenzani. Niyabo? Nizifundile izincwadi futhi niyazi; nezitatimende ezisayiniwe zalokho okwenziwa uNkulunkulu. UsenguNkulunkulu. Ubophezelekile eZwini laKhe. Manje, Akabophezelekile ezifisweni zakho. Ubophezeleke eZwini laKhe uQobo. Niyabo? Manje siyathola lapha lababahedeni, indlela ababenza ngayo.

111 Manje uNkulunkulu ngalolu imihla yokugcina uthembise ukuthi Uzokhombisa, isizukulwane esibi nesiphingayo, isibonakaliso sokuvuka kwaKhe, ukuthi Akafile. Uyaphila. Uligcina lonke iZwi, Uliphila ngqo ngawe. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," uJesu wathi, "nokho niyoNgibona nina," niyabo, ekhuluma ekholweni, "ngokuba Ngi," ungi yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe, ukupheleliswa kwesikhathi." Nemisebenzi, uJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza." Imisebenzi efanayo! "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," amaHeberu 13:8.

112 Manje ibandla selikhuphuke ledlule ko—kokuzuziweyo kweminyaka yebandla, emva kowokuqala, uNyaka weBandla laseEfesu, eBhayibhelini. Futhi uma iNkosi ithanda, ngaphambi kokuba ngisuke lapha, ngifuna ukushumayela ngendaba encane ethi *Ukubala Ngokuhlehla*, futhi sibone ukuthi size kanjani, ukuthi siqhubekele phambili kangakanani. Manje qaphelani manje o—oNyakeni weBandla lase Efesu naleyominyaka yebandla, sekuze kwangena ezikhathini zoNyaka wobuMnyama weminyaka eyinkulungwane yobumnyama. Bese kuthi-ke uLuther, engumguquli wokuqala, uphuma nokulungisiswa; nakhu kufika uWesley, nokungcweliswa; nakho kufika amaPentecostal, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ibandla njalonjalo lingena engcosaneni ngesibalo, amandla amakhulu ngokuthe xaxa. "Nxa isitha singena njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu uyovusa ibhanela umelane nawo."

113 Futhi manje sesisukile onyakeni wePentecostal. Manje siza lapho njengasesivivaneni, hhayi izimfundiso zesivivane manje, kodwa ngiqonde okufana njengesivivane. Itshe eliyiNhloko uma lizokwenela, lizofanele licijwe. Kuzofanele kube khona inkonzo eBandleni, iBandla leqiniso likaNkulunkulu ophilayo, ukuya lapho nxa itshe eliyiNhloko lifika, uKristu, noma inkonzo

kaKristu, noKristu uyokwenela ngqo phakathi ndawonye ngokupheleleyo. Manje-ke lokho kubuyisa abaHlengiweyo, ukuthatha yonke iNdlu kaNkulunkulu iye eNkazimulweni; iMethodisti, iBaptisti, nePresbyterian, kwedlule eminyakeni yenguquko enkulu, abaphumayo futhi banikela izimpilo zabo ezinhluphweni nezinto ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Kodwa leloTshe liyeza. Yebo, mnumzane. Ngempela liyofika. UNkulunkulu uyoLithumela. Liyokwenela yonke iNdlu ndawonye phezu kwalo. Niyabo? Manje sibona lezizibonakaliso, njengoba sibona inkonzo evela kuKristu iqala ukuncipha iyaphezulu manje, ukuya enkonzweni esiphelele kaKristu, ekugcwaleni kukaMoya oNgcwele.

114 Phansi kukaLuther kwakunguMoya oNgcwele ofanayo, ukulungisiswa; bese kuba ukungcweliswa phansi kukaWesley; imilayezo; bese kuba umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwenza kube kuthathu. Kuthathu, hhayi izinyathelo ezintathu zomusa, kodwa iziteshi ezintathu, ngingahle ngikubize kanjalo.

115 Qaphelani njengalokhu. Uma ingane izalwa, kunezinto ezintathu eyenza ukuzalwa kwayo. Into yokuqala ekuzalweni okwejwayelekile . . . Nina abadala lalelisisani manje; abantwana abasebancane abasoze bakubamba. Kodwa, ake sibone, into yokuqala ekuzalweni okwejayelekile ngamanzi, bese kuba yigazi, bese kuba ukuphila. Niyabo?

116 Manje leyo yinto efanayo eyenza ukuzalwa okusha; amanzi, iGazi, uMoya. Izinto ezingumsuka ezavela emzimbeni waKhe yilokho okwenza uMzimba waKhe. Niyabo? Kuvela emzimbeni waKhe, yimpahla okuyithathayo u—ukwenza uMlobokazi waKhe. Ngoba, uAdamu waba nomkakhe othathwe emzimbeni wakhe. UKristu unoMlobokazi waKhe othathwe emzimbeni. Futhi ngenkathi uKristu efa, kwakunezinto eziyimisuka ezintathu ezaphuma emzimbeni waKhe; amanzi, iGazi, uMoya; ukulungisiswa ngokukholwa, amanzi; ukungcweliswa ngeGazi; umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

117 Manje lesisinyathelo esikhulu sokugcina sifanele sifike ekupheleleni, ukuthi uMoya oNgcwele uzofanele uhlale kuleloBandla ngokuphelele kakhulu, uzokwenza iNhloko noMzimba kuhlangane ndawonye. Niyabo? Niyabo? Lowo nguMzimba. UyiNhloko eMzimbeni. Manje sithola ukuthi Wethembisa, ngalezizinsuku zokugcina, ukuthi lokho kuyokwenziwa. Siyakuthola.

118 Manje, uJona. Abantu abaningi, ngishilo, ngoJona, bathi, “Awu, lowomfo wayengongakholwayo.” Qhabo, wayengesuye.

119 Wayefanele ukuya eNineve, kunjalo impela, ngoba kwakuwumuzi omkhulu ogcwaliswe ngesono. Futhi mhlawumbe abantu abayingxenye yesigidi kuwo, futhi babebabi kabi, kabi. Babewumuzi omkhulu wezohwebo. Umsebenzi wabo kakhulu kwakuwukudoba, ngiyaqonda, futhi ngakho babenjalo.

Wathunyelwa ezansi lapho, kodwa wangena emkhunjini okungesiwo wayeseya e—eTharishishi.

120 Manje abantu abaningi bazama ukuba bathi wayengafuni ukwenza lokho. Ngikholwa ukuthi konke kwakuplanwe nguNkulunkulu. Ngangifunda indatshana, kungahle kufakaze ukuyisho ngalesisikhathi, ukuthi nje ukulungisisa uJona, ukungenisa lokho engifuna ukukusho.

121 Manje, uJona, ngenkathi ethatha umkhumbi okungesiwo, into yokuqala niyazi, wayehamba ngendlela engesiyo futhi bangena enkathazweni. Imimoya iqala ukuvunguza, a—amagagasi aqala ukuhlokoma, futhi wonke umuntu wacabanga ukuthi umkhumbi wawuzozika. Ngakho uJona wayelele zwi, futhi bathi, "Vuka, O wena olele ubuthongo, futhi ubize uNkulunkulu wakho!"

122 Futhi uJona wavuma ukuthi wayesephutheni. Wathi, "Manje ngibopheni izinyawo zami nezandla zami, bese ningiphonsa ngaphandle komkhumbi, khona-ke isiphepho sizonqamuka." Futhi bakwenza lokho.

NoNkulunkulu wayenenhlanzi enkulu ayeyilungisele.

123 Manje, ngezwa usosayense lapha kungekudala, eLouisville, eKentucky; lapho, ngake ngakha eJeffersonville, ngaphesheya nje. Babenohlaka lomkhomo lubekwe e—enqoleni yesitimela eyisicaba nalomfo wayefundisa, lososayense, futhi esho mayelana nokuthi mangaki amazinyo owawunawo, futhi, o, angazi. Ngakho manje-ke ekugcineni wathi, "Niyazi, i—indaba yeBhayibheli," wathi, "okungesilo iqiniso," wathi, "iBhayibheli . . . "

124 Lokho nje angikwazanga ukukubekezelela, ngakho nje ngavele ngenyuka ngasondela kakhudlwana. Ngacabanga, "Ngizobona ukuthi uzothini."

125 Wathi, "Indaba yeBhayibheli yo—yomkhomo ugwinya uJona," wathi, "Ngifuna nina bantu nibuke. Umuntu wayengangena kanjani ngomphimbo wawo, ube wawungeke uphose ngisho ibheyisibholi ngomphimbo wayo na?" Ngakho wathi, "Lelo yiphutha."

126 Angikwazanga nje ukuma futhi ngiyekele lowomphikinkolo asho izinto ezinjalo njengalokho. Ngathi, "Uxolo, mnumzane. Wake walifunda iBhayibheli na?"

Wathi, "Impela."

127 "Awu," ngathi, "manje-ke wenza isitatimende esinjalo na? UNkulunkulu akazange athi kwakungumkhomo. UNkulunkulu wathi kwakuyi 'nhlanzi.'"

Wathi, "Awu, lokho kwakungaba ngumkhomo."

128 Ngathi, "Uma kuyiwo, makube ngumkhomo. Kwakungokhethekile, ngokuba uNkulunkulu wammisela

inhlanzi." Lena yayikhethekile. Wayengenza eyodwa inqola yonke yezimphahla yakwaloliwe evalekile eyayingagijima ingene kuyo. UnguNkulunkulu, niyabo, ngakho lokho kuqinisile. Thina, asifuni ukukukholwa lokho, lezozinto, noma izindaba zeBhayibheli. UNkulunkulu wamisela lenhlanzi enzela uJona. Yayiyinhlanzi ekhethekile, ngakho ya—yamgwinya uJona.

129 Futhi manje wayephansi esiswini somkhomo. Nezandla zakhe ziboshelwe ngemuva kuye, nezinyawo zakhe ziboshiwe. Manje ungazibonela nje ukuthi simo sini leyondoda eyayikuso. Futhi, empeleni, u—umkhomo, noma wawunjenganoma yiyiphi enye inhlanzi, mhlampe, izingela emanzini ize ithole ukudla kwayo, bese-ke yehlela phansi ekugcineni kolwandle.

130 Manje phakela izinhlanzi zakho ezincane ezisagolide bese uyibhekisisa. Isuthisa isiswanyana sayo bese yehlela phansi ekugcineni kolwandle, bese ikhipha izigwedlwana zayo. Futhi lapho iyaphumula, niyabo, ngoba i—isikutholile ukudla kwayo.

131 Awu, ngenkathi lenhlanzi isithole umprofethi, futhi yamgwinya, awu, manje-ke ifanele ukuthi yehlela phansi e—ekugcineni kolwandle. Manje, angazi ukuthi yakwenza, kodwa ngithi ngahle ukuba ya—ya—yakwenza. Futhi manje nansi lendoda.

132 Manje sihlala njalo, kubi kakhulu, kodwa sihlala njalo sizama ukucabanga, futhi sikhombise, noma uSathane esikhombisa izimpawu zethu zesifo. "Awu, uyabo, wena, awunabungcono kunoma ubunjalo izolo. Wena, uyabo, awungcono." Ungabuki izimpawu zesifo.

133 Uma noma ubani owayeyoba nezimpawu, kwakuyoba nguJona. Niyabo? Niyabo, ndawo zonke ayebuka kuzo kwakuyisisu somkhomo. Niyabo? Kodwa niyazi ukuthi wathini na? "Kuyize kwamanga." Akazange athi, "Ngizokubheka *lokhu*." Wathi, "Ngiyakuphinde ngibheke ithempeli laKho elingcwele."

134 Ngokuba wayazi, ngenkathi uSolomoni ekhuleka futhi enikela lelothempeli, wathi, "Uma abantu baKho beba senkathazweni, nomaphi, futhi babheke kulendawo engcwele futhi bakhuleke, khona-ke uzwe useZulwini." Wayenethemba emkhulekweni kaSolomoni, kumuntu, umuntu wasemhlabeni onjengawe nami, yena emva kwesikhashana waze wahlubuka ngisho, abesifazane bamdonsa bamsusa kuNkulunkulu. Futhi, kodwa, umkhuleko wakhe wezwiwa nguNkulunkulu, futhi wakwazi ukuba nokukholwa phansi kwalezozimo.

135 Futhi ukukholwa okukhulu kangakanani ebesifanele sibe nakho, lapho singadingeki ukuba sibheke ethempelini elakhiwe ngumuntu; kodwa eZulwini qobo lwaLo, lapho iNdodana kaNkulunkulu ihlezi khona ngakwesokunene soMkhulu waYo, neGazi laYo uQobo, iphilela njalo ukumela!

136 Futhi akukho-namunye wethu onalolohlobo lophawu olunjengalolo. Sibona abantu bephiliswa eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi. Asifanele neze sibheke izimpawu; kuyize kwamanga. Bheka kuNkulunkulu, nguYe owenza isithembiso.

137 Manje sithola ukuthi noma ngabe kwenzekeni, nokho uNkulunkulu wayenawo umoya-mpilo kumprofethi, angazi. Kodwa wa—waphila izinsuku ezintathu nobusuku, ngokweBhayibheli. Futhi angazi ukuthi iTharishishi yayikude kangakanani, nokuthi kwakukude kangakanani ukusuka eNineve, ukuthi babekude kangakanani phandle nolwandle; kodwa uJona wahlala waphila, ngokomBhalo, izinsuku ezintathu nobusuku. Wambiza.

Uthi, "O, lokho akunakwenzeka."

138 Kuthiwani-ke ngokubiza uLazaru, emva kokuba wayesefe izinsuku ezine na? Niyabo? Futhi Uzosibiza ngoluny'usuku, nakuba sasesife iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi. Akwenzi-mehluko, niyabo, kuyofana. Niyabo, UnguNkulunkulu.

139 Manje siyamthola manje, futhi nangu enyukela eNineve. Umkhomo uza uphuma emanzini ngqo, njengokumhambisa ngetekisi. Ukugibela itekisi ekugcineni kolwandle, enyukela ngqo eNineve, futhi kufanele ukuthi cishe kwakusemini.

140 Awu, manje, labobantu babengabadobi. Futhi babengaphandle bedonsela phakathi amanetha abo, kanjalonjalo, abadobi babo bezohwebo. Futhi babengabahedeni. Babekhonza izithombe. Nomunye wonkulunkulu babo . . .

141 NjengamaNdiya ayevame ukuba naye lapha eMelika, ibhele elimpungana lalingunkulunkulu, uOvegus, owayengunkulunkulu ekhonzwa ngamaNdiya angabahedeni ngaphambi kokuba angeniswe ebuKristwini. Ayenonkulunkulu, unkulunkulu wamandla.

142 Futhi, eNineve, ngiyatshelwa ukuthi umkhomo wawungunkulunkulu wolwandle, ngoba uyinkosi yolwandle. Angagwinya lombolozi noma yini. Futhi cishe emini, nakhu kufika unkulunkulu wabo, enyuka ephuma olwandle; uvula umlomo wakhe nje, nomprofethi uphumela ngqo ogwini. Akumangalisi bakholwa, niyabo. Niyabo? Bona, impela bakholwa, ngenxa yomprofethi, owayenikeza umlayezo, uphuma emlonyeni kankulunkulu wabo, "Phendukani kungenjalo lomuzi uzobhubha." Niyabo?

143 Ngakho wayengaphumile entandweni yeNkosi. Wayenza nje, njengokuthi, "UNkulunkulu wenza yonke into isebenzelane ibe ngokuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu," kunjalo, "futhi sibizwa ngokwenhloso yaKhe." UJesu wabhekisela kuye.

144 Bese kuthi-ke omunye futhi ngaphambi kokuba sivalele umugqa womkhuleko. Wabhekisela kuSolomoni futhi.

145 Manje, uma uNkulunkulu ethumela isiphiwo emhlabeni, nabantu basihloniphe, kuhlala njalo kungunyaka wegolide walabobantu. Kodwa uma besenqaba, kuhlala njalo kuyinxushunxushu kulabobantu. U—Uyakwenza lokho, yonke iminyaka. Bhekani nje. Bhekani ngenkathi benqaba uJesu, nangenkathi benqaba abaprofethi, kanjalonjalo, ukuthi kwakuyini.

146 Kodwa ngesikhathi sikaSolomoni, bakholwa, bonke. USolomoni wayenesiphiwo sokubona okufihlakeleyo. UNkulunkulu wasipha uSolomoni. Si . . . Nabantu basikholwa, bonke nganhliziyo-nye. Babe—babebizwa nge—ngesikhathi seminyaka eyinkulungwane, cishe impela, okwesizwe samaHeberu ngalesosikhathi. Kwakuwunyaka wegolide, unyaka kaSolomoni. Kungekho zimpi noma lutho; Waphumelela kukho. Bakha ithempeli nazozonke lezizinto ezinkulu abazenze ngonyaka kaSolomoni, ngoba wayeyisifanekiso, iNdodana kaDavide, niyabo, iNdodana kaDavide ngokwenyama. Manje, sithola ukuthi ngalesisikhathi, ngenkathi bakha ithempeli nayoyonke into, wonke umuntu wasihlonipha lesosiphiwo uNkulunkulu abapha sona, futhi wemenza ngisho inkosi yabo. Nodumo lwaya ndawozonke.

147 Ngiyanitshela, maMelika, ukuba kuphela besingahlonipha isiphiwo uNkulunkulu asithumelele sona, uMoya oNgcwele, besingeke sidingeke ukuba sikhathazeke ngosomkhathi baseRashiya namabhomu ama atomu, nezinto. Awu, lokho ngukuvikelwa kwethu—kwethu, nguKristu. Niyabo? Ungukuvikela kwethu.

148 Kodwa inkathazo yakho ingukuthi, Usithumelela iziphiwo futhi siyasihleka ukuba sisiklolodele, njengoba benza nje. Yingalesosizathu siqonde ekwahlulelweni. Si . . . kuzofanele kushaye. Kunjalo, nje, uNkulunkulu akabheki bala lamuntu. Ukuba uNkulunkulu ubezoyeka lelizwe lizedlulele, leNew York, leMelika, lelizwe, lizedlulele nalokho elikwenzile manje, ngaphandle kokuletha ukwahlulelwa ngaphezu kwalo, Ubeyobophezeleka, njengoNkulunkulu olungileyo, ukuba avuse iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa, ngokuba Wabashisela yona impela into esiyenzayo khona manje. Niyabo? Niyabo? Ngakho Wethembisa ukuthi kuyoba ngalendlela.

149 Manje siyathola manje, ukuthi ngezinsuku zikaSolomoni, wawungathini nje, wonke umuntu ekhuluma ngoNkulunkulu, "O, amandla amakhulu kaSolomoni okubona okufihlakele!" Leso kwakuyisiphiwo esasikwazi ukubona okufihlakele, futhi wonke umuntu wayeqhosha ngaso. Kwakungekho kudideka, uthi, "A, qhabo, qhabo!" Bonke basikholwa. Nodumo lwasabalalela ezizweni zonke. Nezizwe ziba ngezisaba

uIsrayeli, kodwa hhayi ngoba babenombutho ongcono, kodwa ngoba uNkulunkulu wayephakathi kwabo. Yilokho okuletha ukwesaba, uNkulunkulu. UNkulunkulu wayephakathi kwabo.

150 O, besifanele kanjani ukuba nathi, sizisho ukuthi siyisizwe esingamaKristu! Kubi kakhulu ukuthi amahlelo nezinto kusisonte esimweni esinje, njengoba sonke siphumile esimweni namhlanje, futhi kul'khuni ukuthi kubekhona umuntu owaziyo ukuthi akholwe yini.

151 Futhi, bhekisisani, manje-ke udumo lukaSolomoni lwahamba lwaze lwayofika ezansi eSheba. Indlovukazi yaluzwa. Yayingumhedeni. Futhi wonke, indlela kuphela ababenayo ngaleyonkathi . . . Babengenayo ithelevishini nezinto esinazo namhlanje, noma abezindaba. Indlela kuphela ababenayo ukuthumela imilayezo kwakungumlomo nomlomo. Futhi ngasosonke isikhathi kwakungena uhide lwabahamba ngamakameli, akungabazeki indlovukazi encane yayiphuma bese ithi, "Nedlula yini ePalestine lapho nehla na?"

"Yebo."

"Ngabe kunjalo, abakushoyo na?"

152 "O, nifanele nikubone! Akukho okunjengakho! Labobantu unemvuselelo enhla lapho. Nina . . . Kulundaba olwenabela esizweni sonke. O, banemvuselelo emangalisayo. NoNkulunkulu wabo ugcobe inkosi yabo, futhi inesiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Futhi anikaze nibone noma yini okufana naso. Akukho lutho okungedlula lokho kuhlakanipha. Ingasho noma yini. Ku—kuphambili le kokuhlakanipha komuntu. Ngukubona okufihlakeleyo okuvela kuNkulunkulu." Futhi bonke, ngani, bezwa.

153 Niyazi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Hhayi ukuzwa ukuthi siyiMethodisti, iBaptisti, noma iPentecostal; kodwa ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, niyabo. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa."

154 Futhi ngenkathi bona, yayizwa, ukulamba kwangena. Awu, manje, yanquma, emva kokuba isikuzwile konke lokhu, ngaphambi kokuba isho noma yini ngakho, ukuthi yayizohamba izibonele yona ngaphambi kokuba yedlulise iziphawulo zayo. O, bekungebe kuhle yini lokho ukuba sonke besizokwenza lokho na? Niyabo? Nakuba kungekho kungabaza ukuthi yenyusa imibhalo eminingi egoqwayo, iBhayibheli, yabaprofethi, ngalokho ababekuprofethile, ukubona imvelo kaJehova uNkulunkulu wabo.

155 Manje lendlovukazi encane yayinezinto eziningi ukuba ibhekane nazo ngaphambi kokuba inyukele lapho. Into yokuqala, ingumhedeni, yayifanele iye kumpristi wayo, ukucela imvume, ngoba yayiyindlovukazi nelunga lebandla. Ngakho sengathi ngiyayibona yenyukela kumpristi, futhi ithi, "Fata, ngingenyukela kwaIsrayeli ukuthola ukuhlakanipha okuthize

okuvela kulendoda enkulu, uSolomoni, uNkulunkulu wabo anikeze ukuhlakanipha phezu kwakhe na?"

156 Sengiyamuzwa ethi, "Mntanami, bengingasoze ngacabanga okunje ngawe. Ihlelo lethu alibambisani kuleyomvuselelo." Kodwa niyazi ukuthi bekungaba kanjani namhlanje. Ngikwenza manje kusukela kokuphakeme kakhulu kuya kokuyinsini, kusobala. Kodwa manje bekungaba umoya ofanayo namhlanje obungasho lokho. Niyabo, umoya ofanayo ubungaletha, ubungakupha ngaleyondlela. Manje-ke u . . . "Awufanele wenze lokho, uyabo. Ngoba, empeleni, labobantu ba . . . Bayizinhlanya. Bakholelwa kuzozonke izinhlobo zezibonakaliso nezinto. Kodwa, awu, uyabo, wonke umuntu uyazi ukuthi bayisigejane sezinhlanya. Njengezilwandle zoma nkwe, nazozonke lezi uhlobo lwezinto abebenazo, akukho nokukodwa okwakho okuqinisile. Uyabo, yinganekwane nje exoxiwe, noma iculo eliculiwe, noma okuthize. Futhi akukho lutho kulokho."

157 Kodwa, niyazi, uma ukukholwa kwangempela kushaya enhliziyweni, baqala ukulamba. Bafuna ukubona.

158 Akukho-muntu ophilayo ongethande ukubona edlule isikhathi, ikhethini. "Ngavelaphi na? Ngingubani na? Futhi ngiyaphi na?" Kuzozonke izincwadi ezinhle efundiwe, eziqokiwe ezinkulu eziziqoqoda emakhanda eyenziwe, yinye kuphela iNcwadi embulayo ukuthi ungubani wena, uvelapha, nokuthi uyaphi. Yileyo. Yileyo. Futhi Isivumela futhi sibuke sedlule ikhethini, ukukubona.

159 Manje ngenkathi bebone lokhu kwenzeka, yezwa ngalokhu, yayisithi, "Ngizohamba noma kanjani." Ngakho akunandaba ukuthi umbhishobhi uthini, noma ukuthi kwakuyini, izohamba noma kanjani, izimisele, ngoba ifuna ukubona into ethize yangempela, into ethize.

160 Awu, manje-ke umpristi angahle ukuba wathi kuyo, wathi, "Manje buka, ndodakazi, uyindlovukazi, awufanele uzimatanise nabantu abanjalo njengalabo."

"Kungakhathaleki, ngiyisidalwa esingumuntu esizofa, futhi."

161 "Awu, manje, uma kwakhona noma yini enjengaleyo yenzeka, ibiyoba khona lapha ebandleni lethu." Kusobala, lowomoya awukafi futhi, niyabo. "Khona, kuzofanele kufike ngelethu, kungenjalo akuqinisile."

162 Awu, ingahle ukuba yathi, "Kade ngilapha kusukela ngiseyintombazanyana, ngabusiswa. Ngizibone zonke lezizithombe nezithombe ezibazwe ngamatshe, kanjalonjalo, futhi ukhulume ngazo zingonkulunkulu. Ugogo wami wayengowalapha, nokhokho wami, nokhokho kakhokho wami. Futhi akukho namunye wabo owakhombisa noma yini, noma yisiphi isibonakaliso sokuphila. Bathi Lokho nguku 'Phila.'"

163 Bekufanele kube nabanye futhi abantu abanalolohlobo lomqondo njengoba leyondlovukazi yayinawo, khona lapha eNew York nasemhlabeni wonke jikelele.

164 “Ngifuna ukukubona, qobo lwami. Futhi angiziboni lezozithombe. Ngiyakuzwa ufunda ngazozonke izinhlobo zezincwadi, nezincwadi zomkhuleko, kanjalonjalo, kodwa kuyini na? Angiwuboni neze umnyakazo wanoma yini ephilayo. Konke kufile, isayense ethile yezenkolo noma into ethile. Inhliziyo yami ilambele ukubona. Uphi uNkulunkulu lapho na? Ukuphi na?”

165 O, kwangathi izwe lingalambela lokho! Uphi na? Uma Ake waba nguNkulunkulu, Uzofanele abe elokhu enguNkulunkulu. Uma Wayengesuye, Wafa. Niyabo? “Nguyena,” iBhayibheli lathi, “izolo, namuhla, naphakade.”

166 Qaphelani manje, inhliziyo yayo iqala ukulamba manje, ngakho yayinomqondo omuhle. Yathi, “Ngizothatha imali ethe ukuba yimbijana, nenhlaka nezinto, imure. Futhi uma leyonto iqinisile, ngizoyesekela. Uma ingaqinisile, ngizoyiyeka kanjalo.”

167 Impela yayingafundisa amaPentecostal! Usekele into ekubiza ngomgingqiki ongcwele nayo yonke enye into, niyabo, futhi ube usalokhu uyisekela. Niyabo? O, he! Nesiphiwo sokuhlakanipha sifanele sibe sebandleni. Manje qaphelani. Lokho kungokwabelusi ukuba bakusho. Manje qaphelani.

168 Yayisisho lokhu-ke, “Ngizophatha izipho zami. Futhi uma kungesilo iqiniso, ngingabuya nezipho zami.” Lokho kuhle. Manje inenekazi elincane lalungela ukuhamba. Lithathe abathenwa abambalwa, yonke lemali, nezincekukazi zalo.

169 Manje cabangani nje ibanga eyayidingeka ilihambe, ukuthola ukuthi ngabe lokhu kwakuqinisile yini noma qha. Niyabo? Kulinganise ebalazweni lakho, ukusuka ePalestina wehlele eSheba. Kuyizinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye ngqo, izinyanga ezintathu emhlane wekameli. Ayizange . . . Yayinobunzima. Yayingenakungena emotweni iCadillac enesishayisamoya njengoba senza. Kodwa, yona, isuka le emikhawulweni yempucuko, izwe ngalesosikhathi, ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni.

170 Nabantu abakhe ngaphesheya komgwaqo futhi bangeke beze ukuzozwa into ethize enkulu kunaleyo. Akumangalisi uJesu athi, “iyosukuma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle lesisizukulwane”!

171 Yayinezinkathazo endleleni. Khumbulani, amadodana kaIshmayeli, loluxhaxha lwabagibeli phandle lapho babengabaphangi ogwadule. Kwakuyobalula kanjani ukuba ibutho elikhulu lalabo bakwaIshmayeli ukuba liwele phezu kwaleyondlovukazi encane futhi libulale labobathenwa abayingxenye yedazini, futhi lithathe lonke igugu labo.

172 Kodwa kukhona ngandlela thize noma enye, ukuthi uma inhliziyo ihambela ukulambela uNkulunkulu, izinkathazo azibukeki zifana nanoma yini. Uwuhlele kahle umqondo wakho, akunandaba ukuthi ubani ukubiza ngani. Bangakubiza nganoma yini abafuna ukukubiza ngayo, bangasho noma yini abafuna ukuyisho, bangazama ukubeka zonke izikhubekiso endleleni yakho; kodwa uma womele uNkulunkulu, uzoKuthola ndawondawo. Yilokho kuphela, niyabo. Akukho lutho oluzokumisa. Umyeni akazukukumisa. Unkosikazi akazukukumisa. Ibandla alizukukumisa. Umelusi akazukukumisa. Akukho lutho olungavimba ongcwele kuNkulunkulu wakhe, uma ngempela efuna ukuKubona. Qhabo.

Ayizange icabange ngisho nangakho.

173 Kanjalo awukucabangi, ukuthi *lona* uzothini, nokuthi umama uzothini, nobabayi uzosho, noma umyeni uzosho. Uma ufikela ukuzothola uJesu Kristu ukuthi ungubuqiniso, futhi uzwe ukuthi Uyaphila, akukho lutho oluzokumisa, uma lokho kulamba, leyombewu ebimiselwe ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Uma ukuKhanya kushaya lokho, kuza ekuPhileni ngokushesha okungako.

174 Lona wesifazane omncane wayeyilolohlobo lwembewu, nokho engowezizwe, umhedeni.

175 Manje, manje khumbulani, mhlawumpe yayihamba ebusuku, kwakushisa kakhulu kulolоGwadule lwaseSahara. Futhi—futhi yayikade ihamba ebusuku. Mhlawumbe ifunda imibhalo egoqwayo. "Manje, sizothola ukuthi umprofethi wathini lapha ngalokho uNkulunkulu ayeyikho. 'Ngizokwembula izimfihlo zenhliziyo. Futhi uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyakuZazisa kuye, ngikhulume kuye ngemibono. Futhi akushoyo kufezeke, mzweni.' Ngizothola uma sengifika lapho. Yilokho loyoNkulunkulu ayikho. Ngizothola."

176 Qaphelani manje, emva kwesikhashana ekugcineni yafika emvuselelweni eyayikhona. Kwakuyimvuselelo. Ngakho, yafika. Manje ayifikanga nje ukuba ithi, "Ngizongena futhi ngihlale phansi imizuzu embalwa. Futhi uma ngimuzwa esho izwi elilodwa isivumokholo sami esingavumelani nalo, ngisukuma ngiyahamba!" Qhabo, izoba sekwaHlulelweni, ukwehlulela lolohlobo, niyabo. Ifikela ukuzohlala yaze yakholisekisa.

177 Ukuba nje besingakwenza lokho, nje sihloniphe futhi sihlale sithule, futhi sithi manje, "Lena yinto ebukeka sengathi ibiqinisile. Angazi. Angizukugxeka. Ngizohlala ngithule nje, futhi ngizobhekisisa. Ngizobe-ke sengikuqhathanisa nomBhalo futhi ngibone uma kuqinisile." Uyakukweleta lokho qobo lwakho.

178 Manje, ivela emikhawulweni yezwe. Yaphumela mhlawumpe emagcekeni abiyelwe ethempeli, futhi yamisa amathende ayo nanoma yini okunye. Futhi mhlawumbe . . . Manje ngizokwenza samdlalo wasesiteji lokhu ngenzele abafo abasebancane, kanjalonjalo.

179 Mhlawumbe ngalokho kusa, ngenkathi isonto livulwa, icilongo liyakhala, abapristi bashaya amacilongo futhi badlala umyuziki, nokunyenokunye. Futhi bonke a—abantwana baqala ukubuthana phakathi, futhi mhlawumbe yazitholela isihlalo emuva le ngemuva. Ngokwejwayelekile yileyondlela okwenzeka ngayo. Futhi yaya emuva le ngemuva. Awu, yabhekisisa ngenkathi umelusi uSolomoni ephuma. Futhi yena . . . Bamethula futhi wakhuluma kubantu futhi wafunda imiBhalo, futhi bakhuleka. Kwase kuthi-ke udaba lokuqala luyaqhamuka. Manje izothi, "Ngizobona nje ukuthi lokhu kungukubona okufihlakele kangakanani."

180 Futhi ngenkathi ibona lokho kubona okufihlakele, ngiqagele ngomhlangano olandelayo yaqhubekela phambili izihlalo ezimbalwa. Mhlawumbe i . . . Futhi lokho, lokhu, uma si . . . Uma kuzwakala kungukuthuka okungcwele, ngithetheleleni. Mhlawumbe ikhadi layo lomkhuleko alibizwanga nje ngalokho kuhlwa okukodwa, niyabo, kwadingeka ilinde isikhashanyana. Ngizama ukufinyelelisa into ethize kubantu, niyaqonda, niyabo. Futhi mhlawumbe kwakungesikho lokho, kodwa, nokho, ekugcineni yabhekisisa udaba nodaba, futhi yakholiseka.

181 Kodwa linda kuze kwenzeke kuyo. Yilowo emfunayo. NeBhayibheli lasho ukuthi, "Lapho ilethwa phambi kukaSolomoni, ukuthi kwakungekho noma yini, noma yimuphi umbuzo engqondweni yayo, uSolomoni angakwazisanga." UNkulunkulu wembula kuyo, wembula kuSolomoni, zonke izinto eyayizidinga empilweni yayo. Futhi ngenkathi enza lokhu, kwenzeka kuyo ngaleyonkathi. Yayisisukuma, yayisithi, "Konke lokhu engikuzwile bekuqinisile, nokungaphezu kwalokhu." Yathi, "Futhi abusisiwe amadoda ahlala lapha nsuku zonke futhi abone lesosiphiwo esikhulu sisebenza, lesosibonakaliso esikhulu. Abusisiwe amadoda akanye nawe lapha futhi abona le izinto nsuku zonke." Yemukela uNkulunkulu. Yayibone into eyiyo ngempela. Inhliziyo yayo yabhuza. Yathola into eyayingeyoqobo, into eyayingesiso isivumokholo esifile, into eyayingesiso isithombe. KwakunguNkulunkulu ophilayo.

182 Manje, akumangalisi uJesu athi, "Inkosikazi yaseNingizimu iyakusukuma ekwaHlulelweni, nalesisizukulwane, futhi isilahle; ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba, ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni." Futhi ngisho ngezinsuku zeNkosi uJesu, uEmanuweli, uNkulunkulu enziwe inyama, "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe," WayeyiZwi eliphilayo. Futhi ngalolosuku,

etshela ngisho bona abagxeka inkonzo yaKhe yalolohlobo, ukuthi Uyobathethelela. Wathi, "Uma uMoya oNgcwele efikele . . ."

183 Nineminyaka eyizinkulungwane ezimbili yemfundo ngaphezulu eBhayibhelini kunoma babenayo lapho, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphezulu ukuthi uMoya oNgcwele kade uhamba emhlabeni. Manje, uma ilahla lesosizukulwane, iyokwenzani ngalesizukulwane na? Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni! Inenekazi elincane labona into ethize yangempela.

184 Ngike ngayixoxa lento encane ngaphambili, kodwa ngikholwa ukuthi kuyacindezela ukuyixoxa khona manje ngaphambi kokuba ngibize umugqa womkhuleko. Ngiyakuthanda ukuzingela. Ngi—ngi . . . Kuyimvelo yesibili nje kimi. Ngi—ngiyakuthanda. Ukuphenduka kwami akuzange kukususe lokho kimi, ngoba ngiyakuthanda ukungena ehlane. Ngangivamise ukuzingela enhla lapha eNyakatho, futhi ngangivamise ukuzingela lapha eAdirondack, iminyaka edlule. Futhi ngangiphuma lapho futhi ngiye esicongweni sezintaba, ngibhekisisa ilanga liphuma futhi lishona, futhi ngikhale, futhi ngihlale phandle lapho amaviki, futhi ngizwe uNkulunkulu ekhuluma ngemvelo. Yilapho A . . .

185 IBhayibheli lami lokuqala laliyimvelo. Ukubona ukuthi imbewu encane yayiwela kanjani emhlabathini, futhi ibe yiqeqeba lamakhaza elijule *kangako*, nembewu iqhume ivuleke, umthumbu uphume, nazo zonke izibonakaliso singasekho ongasibona, kodwa ngentwasahlobo elandelayo ibuy'iphile. Niyabo? UNkulunkulu wayenzela indlela. "Wayenzela indlela imbewu ukuba ibuy'iphile," Ngathi, "kuneny'indlela yami ukuba ngibuye ngiphile." Kunjalo. Ngakho lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala.

186 Ngangivamise ukuzingela noYankee omncane enhla lapha, owayengumzingeli okahle, kodwa wayenonya kabi enhliziyweni. Futhi wayeyi—wayeyindoda elungileyo, ngiqagele. Yena, umfo okahle ukuzingela naye futhi wawungadingeki neze ukuba uhlupheke ngokumzingela enhla, wayazi lapho ayekhona. Futhi sazingela, kodwa wayenonya kakhulu ngempela enhliziyweni yakhe. Ngase ngithi kuye, izikhathi eziningi, ngathi, "Yini ubenonya kangaka na?"

187 Futhi u—umfo, ngingahlekisi ngaye, kumbe noma yini, kodwa wayethi ukuba nohlobo lwamehlo ayebukeka efana nebanda. Futhi u—futhi wayengubuka, athi, "O, qhubeka, mshumayeli! Hlakanipha, Billy! Awusoze wabangumzingeli nomshumayeli, futhi." Wathi, "Uyazi, unenhliziyo yenkukhu kakhulu." Futhi wayevamise ukubulala amazinyane ezinyamazane ukuba nje angenze ngiphatheke kabi.

188 Abafo abancane, ngiyakuzonda ukubabulala. Ngakho wathi. . .Kulungile uma umthetho uthi bulala izinyane lenyamazane, lokho kulungile, kodwa nje ungawabulaleli ukuzijabulisa. UAbrahama wabulala ithole, noNkulunkulu uyalidla. Futhi lokho kulungile, niyabo, ngakho akusiwo usayizi wesilwane. Kodwa lutho kodwa ukulibulala nje, ukuhlosa, lokho ngukubulala ngamabomu, kimi. Ngicabanga ukuthi umfo omncane ufanele aphile. Uma ulidinga, awu, uma umthetho ukuthi ungalithatha, awu, kulungile. Niyazi, ngangiyisikhulu sezokongiwa kwemvelo iminyaka eyisikhombisa, ngakho ngaleyonkathi kwakukhona i. . .Lokho kungenkathi ngisakhonzisa ibandla leBaptisti.

189 Ngakho manje-ke ngenkathi lomfo, wayenonya kabi ngalo, ngonyaka owodwa ngenyukela lapho, futhi wayezenzele i—impempe encane.

190 Manje angiphosi lokho kubantu beBaptisti, niyabo. Qhabo, niyabo, bengingakuqondile lokho ngaleyondlela. Ngangi. . .Ngangingekho phandle ensimini. Manje, ngangifuna ukusebenza. Bengihlala njalo ngisebenza kwaze kwaba nje ngenkathi ngiqhubekele kulomsebenzi wobuvangeli, futhi nokho angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami, niyabo. Kunjalo. Niyabo? Kodwa a—angikaze ngicele muntu indibilishi. Ngi—ngifuna impilo yami ukuba yehlele esikhathini lapho engizosho khona into ethize masinya nje, njengoba kwama uSamuweli, wathi, "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ayangafezeka na? Sengake ngayithatha yini imali kini, okokuziphilisa kwenu na?" Niyabo, kunjalo. Bathi, "Qhabo, awukaze." Kodwa babefuna inkosi yabo noma kanjani, ngakho—ngakho lokho mhlawumpe yindlela okuzodeda ngayo, ngakho ngokwejwayelekile kuyenza.

191 Kodwa lomfo, ngangimthanda, futhi ngenye inkwindla ngenyukela lapho. Futhi wayeziqambele impempe encane ayengayishaya, njengezinyane elincane nje lenyamazane, leyo yingane encane yenyamazane idiye ikhalela umama wayo. Ngakho manje wathi, "Heyi, ngifuna ukukhombisa into ethize, Billy." Futhi wayenale mpempe encane ayezoyishaya.

Ngathi, "Wena, ngeke ukwenze lokho."

192 Wayesethi, "O, nakho lapho okhona. Awusoze wedlula kukho, uzodlula na?"

Ngase ngithi, "Qhabo, mnumzane. Hhayi ukuba njalo."

193 Ngakho sa—sahamba sizingela, futhi kwase kuleyiti enkathini yonyaka. Ngadingeka ngikhuphuke. . .Nani nonke, bazingeli phakathi lapha, niyazazi lezonyamazane ezincane amadiye ezinomsila omhlophe lapho. UHoudini akasiyo nhlobo ingcweti ephunyukayo nhlobo, kubo, ngakho uma zethuka. Futhi ngakho zazikade zidutshuliwe. Futhi kwakukhona imilalela emincane yeqhwa phansi, okuncane. . .esikubiza

ngokuthi izikejana amaskif, ezansi eNingizimu, cishe ama intshi amane noma amahlanu, kuhle ngokwanele ukulandela umkhondo. Futhi sahamba cishe uhhafu wosuku, futhi ngacabanga ukuthi . . .

194 Sasiphethe i—ibhodlela leflaski encane ligcwele ushokoledi oshisayo, ekunika amandla, nesemishi. Futhi sasivame ukuhlala phansi. Futhi uma senyukela esiqongweni sezintaba, bese-ke enqamula phansi phezu kondi olulodwa, nami ngehlele kolunye; ngibuya, ngingene ekhempini ngesinye isikhathi kulobobusuku. Ngakho ngacabanga . . . Kwakuthi akube eleshumi nanye nqo, noma okuthize, futhi ngangicabanga ukuthi wayezohlala phansi nje ogwini oluncane lweqhwa lapho, indawo encane, isikhala esithi asibe kabili usayizi walelikamelo. Wayesehlala phansi lapho. Ngangicabanga ukuthi sasizodla ilantshi yethu, ngase ngiqala ukukhipha ilantshi yami.

195 Wayesekhipha lempempe encane, futhi wayezoyishaya leyompempe encane. Nezinyamazane amadiye ziyesaba kanjalo, ziyohlala phansi kwezinqumbi zebrashi nayoyonke into, kusaqhubeka inkathi yonyaka yokuzingela. Zifanele, ukuze zisinde. Futhi wa—washaya lempempe encane. Futhi ngenkathi enza, ngaphesheya nje kwesikhala, enkulukazi inyamazane yensikazi yasukuma. Manje, inyamazane yensikazi ingumama-diye, futhi yasukuma. Ngase ngiyibuka. Yayiyinhle, futhi lapho lawomadlebe amakhulu namehlo amakhulukazi ansundu. Futhi—futhi yayicinga leyongane.

196 Wayesengibuka phezulu, *kanjalo*. Ngacabanga, "Awuzukukwenza lokho, Bert, impela ungeke." Ngakho wayesenyelelelisa igobolondo phezulu elifaka esibhanyini sakhe. Futhi wayengumnembi.

197 Futhi ngambona, waphinda wayishaya. Nomama-diye waphumela ngqo kulesosikhala, ngeleshumi nanye nqo emini. Manje, lokho akwejwayelekile. Azinakukwenza lokho, qhabo, ikakhulukazi ngenkathi yonyaka yokuzingela, lesosikhathi semini, empeleni. Yaphumela lapho. Ngani na? Ya—yayingumama. Imvelo yayo yayingumama. Yayingumama enhliziyweni yayo, nengane yayo yayisenkathazweni. Futhi wayeyibiza, futhi yayicinga leyongane.

198 Ngacabanga, "Impela awunalo unya olwenele ukubulala lowomama ecinga ingane yakhe!" Wangibuka, ka*njalo*, namehlo ebanda. Futhi wa—wathatha lesosibhamu wasehlisa ngeleveli. Ngacabanga, "O, he, impela angeke akwenze lokho." Nalowomama oyiqhawe ephumela lapho, emi lapho!

199 Futhi ngenkathi i—ibhawodi lehla esibhanyini, ukukhiyela igobolondo lapho okuhlohlwa khona inhlamvu yesibhamu; ngenkathi ibhawodi lehla, inyamazane idiye yalizwa ibhawodi, yase iphenduka yase imbona umzingeli. Wayephakame ka*nje* ukuba ayidubule, futhi, he, lolonwele lwesibuko esandisayo

luqondene ngqo nenhliziyo yayo ethembekile! Ngacabanga, "Leyo teti-o-siksi enkulu, inhlamvu ewuhlwayi oluyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, izoqhumisa inhliziyo yayo iphume ngqo kuyo." Ngacabanga, "Ungakwenza kanjani lokho? Umama ecinga...Futhi umkhohlisa, ubiza sengathi yingane yakhe. Futhi umkhipha lapho bese-ke umdubula, nenhliziyo ethembekile ishaya kanjalo, ungakwenza kanjani? Ini, ungaba kanjani nonya kanjalo na?" Futhi ngambona elevela phansi. Futhi inyamazane idiye, esikhundleni sokubaleka njengoba ngokuvamile ibingenza, yavele nje yama yathula. Yayingakwesabi ukufa. Ingane yayo yayisenkathazweni.

200 Manje, bukani, yayingazifanisi nalokho. Yayingalingisi nje. Kwakungukufa. Niyabo? Kodwa akukho eyayingakwenza, yayingumama. Leyo kwakuyimvelo yayo, umama; nengane yayo, yayiyicinga. Yayikhala, futhi yayicinga ingane yayo.

201 Angikwazanga nje ukubukela isenzo senzeka. Ngaphendula ikhanda lami. Ngaqala ukukhuleka. Ngathi, "Nkosi Jesu, ungamvumeli akwenze. Ungamvumeli akwenze. Angakwenza kanjani na? Lowomama-ndini emi lapho, futhi uzoqhumisa inhliziyo yakhe iphume kuye." Awu, ngalinda, nesibhamu asizange siqhume.

202 Ngase ngiphenduka ukuba ngibuke, nombhobho wawuhamba *kanje*. Akabange esakwazi ukusibamba. Wayesephenduka, wangibuka, futhi kulawomehlo atshekile kuphuma izinyembezi ezinkulukazi zehla ngezihlathi zakhe. Wadumela isibhamu futhi wasitshinga phansi. Wayesengidumela ngomlenze webhulukwe, kulowomlalela weqhwa; wathi, "Billy, sengenele yikho. Sengenele yikho. Ngiholele kulowo Jesu okhuluma ngaye."

203 Kwakuyini indaba na? Wabona into engeyangempela. Wabona into eyayingesiyo eyokuzifanisa. O, ukuba kuphela besingaba ngumKristu leyonyamazane eyidiye eyayingumama. Niyabo?

204 Nokho uJesu wathi, "Umama angayikhohlwa ingane yakhe encelayo na? Yebo, angayikhohlwa. Kodwa aNgisoze nganikhohlwa. Amagama enu aqoshwe ezintendeni zesandla saMi."

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje.

205 Bangaki oseBukhoneni bobuNkulunkulu ngalesisikhathi, sisasheshisa, ozothi ngokushesha athi, "Nkulunkulu, ngikhuleka kuWe manje ukuba ungenze umKristu olungileyo nje njengoba nje leyonyamazane idiye yayingumama, ukuthi angizukwesaba. Ngizo...Ngiyathanda, ngifuna ukuKuthanda ngendlela leyonyamazane idiye eyayithanda ngayo, umama wathanda izinyane lakhe"? Phakamisa isandla sakho, uthi... UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Yiba yilolohlobo lothando.

206 Baba wethu oseZulwini, kukhona labo abahlezi lapha, abaningi, yebo, amakhulu aphakamise isandla sawo, ukuthi angathanda ukuba nalesosehlakalo. Isizathu leyonyamazane idiye ikwazi ukuveza obala lobobumama, lobobuqhawe, yingoba yayingumama. Imvelo yayo yayingumama. O Nkulunkulu, senze amaKristu, imvelo yethu maKristu, Nkosi. Hhayi into nje yokuzifanisa, uthi, "Ngingowa *leli* noma *lelo*," kodwa senze amaKristu enhliziyweni. Tshala iZwi laKho nothando ezinhliziyweni zethu, Nkosi, ukuthi sizoba ngabakwaziyo, futhi simele ezweni, ukuvezwa obala kobuKristu nothando lokumesaba uNkulunkulu, ukuthi leyonyamazane endala idiye yalwenza ngalolosuku, olobumama. Siphe khona, Baba. Ngikhulekela ngamunye abaphakamise isandla sabo. Kwangathi lesosehlakalo singeza kubo.

207 Mhlawumbe kukhona abanye lapha abangazi okunye kunokujoyina ibandla nje. Abakaze babone noma yini yangempela. Kodwa lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, uJesu uqobo lwaKhe, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi izethameli ezilindile, ekubhekisiseni umugqa womkhuleko kulobubusuku, zingabona ukuvezwa obala kothando lukaNkulunkulu neQiniso likaNkulunkulu, ukuthi iZwi laKhe liQinisile, ukuthi Akafile. Uphila kuze kube phakade. Futhi ekuboneni lokhu, kwangathi banganikela izimpilo zabo ngokupheleleyo kuWe, futhi babe ngabantwana baKho; futhi babenothando ezinhliziyweni zabo, obelungabathumela ngisho nasekufeni, ngaphandle kwanoma yikuphi ukwesaba.

208 Njengoba uDavide athi, "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi." Njengaloyomamadiye ephuma kulawomahlathi, ephumela ngqo emathunzini okufa, ephumela ngqo esikhaleni. NoDavide wathi, "Ngiyodlula esigodini sethunzi lokufa. Angiyikwesaba okubi, Wena unami." Nkulunkulu, yilokho sonke esifuna ukuba yikho. Siphe khona, Nkosi. Ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

209 INkosi inibusise. Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside kangaka. Ngibukeka nje sengathi nje kul'khuni ukuba ngiyeke ukuxoxa. Kodwa sizokhulekela abagulayo manje. Bengingathanda ukuba nonke nithi ukugcina izihlalo zenu, okwemizuzu embalwa nje. Ngithembise ukubeka umugqa womkhuleko uphele, kulobubusuku. Ngifuna ukwenza lokho. Futhi ngiyazi ukuthi besifanele ukuvala lona kuse eli kunalokhu, kodwa ngi—ngiyazi sesithi asi. . . Futhi—futhi umgcini, ngiwuthakasela ngempela umusa wakho, mnumzane, ngokungahluthuli amalambu acishe. Kwangathi ukuKhanya kukaNkulunkulu kungabaneka empilweni yakho uma Kungekho lapho manje, kukuyise eNkazimulweni ngolunye usuku.

210 Manje uphi uBilly na? Yimaphi amakhadi owakhiphayo na? U A, kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini. Kulungile. Bathola, ngqo sisajaha . . . Ngokwejwayelekile si—siyawaxubanisa. Futhi uma umfana ekhipha amakhadi omkhuleko, uyawaxova, phambi kwenu ngqo, bese nje ekunika ikhadi lomkhuleko njengoba ufisa, uyabo. Ngakho onke axovekile. Asazi neze ukuthi sizobiza sisukela kuphi. Abaningi lapha uke waba semihlanganweni ngaphambili. Lokho kunjalo ukuze lowomfana angalithengisi ikhadi lomkhuleko, ukuthi sake sabamba umfo ekwenza. Asikwazanga ukukwenza lokho. Kanjalo akazi.

211 Uthi, "Awu, unginika lelikhadi, ngabe ngizongena emgqeni na?" Akazi. Indawo yokuqala, onke axoviwe, futhi u—ukunika nje ikhadi. Futhi manje-ke akazi, futhi angazi size sifike lapha. Ngokwejwayelekile ngibala abangaka ku*lolu*hlu, bese ngilwehlukanisa ngabangaka ko*lolu*hlu, bese ngithola impendulo ngenye indlela, noma nje ngiqale ndawondawo.

212 Kodwa kulobubusuku sizokweqa lokho, futhi siqale nje kwelokuqala, ngoba sesileyithi. Nekhadi lomkhuleko . . . Asime manje nje oyedwa ngesikhathi, njengoba ngibiza inombolo yakho. Uma ungenakusukuma, omunye uzokusiza futhi akwenyusela lapha.

213 Manje bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyagula na? Khuleka nje. Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa. Lokho kuhle.

214 Manje ngifuna ikhadi lomkhuleko lokuqala. Ubani onalo na? Khona lapho. Ungeza lapha, nenekazi, khona lapha na? Elesibili, ubani onekhadi lomkhuleko uA, inombolo . . . Bekuwu A lowo na? U A, wesibili. Owesibili, ubani one . . . Inenekazi lapha, ungeza ngqo ngapha, nenekazi na? Elesithathu. Woza ngapha ngqo. Elesine. Woza ngapha ngqo, mnumzane. Elesihlanu, ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu, ungabamba isandla sakho na? Inenekazi. Elesithupha. Lokhu kuvimbela ukuthi kufane nenkundla evalekile, niyazi, lapho . . . Leli yibandla. Elesithupha, elesikhombisa. Kulungile, elesishiyagalombili. Kulungile, thatha indawo yakho nje, elesishiyagalombili. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi nanye.

215 Angiliboni eleshumi nanye manje, kungahle kube ngumuntu oyisithulu. Ungabuka ekhadini likamakhelwane wakho na? Eleshumi nanye, uneleshumi nanye, unalo, nenekazi na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? O, liyisithulu, ngiyabona. Bhekisisani ikhadi lalo lapho uma libizwa, niyabo. Kulungile, eleshumi nanye. Unalo, eleshumi nanye. Eleshumi nambili. Ikhadi lomkhuleko leshumi nambili, inenekazi lapha. Eleshumi nantathu, ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu. Ngabe eleshumi nantathu, ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu, leshumi nantathu na? [Umfowethu ukhuluma kuMfowethu

Branham—Umhl.] Kulungile, hlola inenekazi lapho, uyabo. Inenekazi elifake isigqoko esil'hlaza s'bhakabhaka, ngabe elakho ele thirt-. . . eleshumi nambili. Na*we* uneleshumi nantathu, unalo, eleshumi nantathu na? Ngiyaxolisa. Eleshumi nane. Kulungile. Eleshumi nanhlanu. Ngikholwa ukuthi lokho kuzoba cishe kuningi ngangoba singakuthatha ngaso lesisikhathi nje, bonani nje sithola umugqa uminyene.

216 Manje nonke nina abanye, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Ngabe ukhona noma ubani lapha okuyisikhathi sokuqala kubo na? Asibone isandla sakho. Awu, siyajabula ukuba nani kulobubusuku. Nike naba khona emihlanganweni ngaphambili na? Phakamisani izandla zenu uma nike nabakhona emhlanganweni. Kulungile.

217 Manje, noma ubani uyazi ukuthi asizisho ukuthi singababaphilisi. Si—singeke sabaphilisa abantu. UJesu usevele ukwenzile lokho. Kodwa sizisho ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi uma kuphela singazi futhi siMqonde phakathi kwethu, ukuthi uJesu ulapha! Uma Eme lapha, futhi wakwazi ukuMbona ngamehlo akho, bekungakunikeza ukukholwa na? Impela. Kodwa, niyabo, Akazukukwenza lokho. Nxa Efika, isikhathi sesiphelile ngaleyonkathi; Ufikela thina ngaleyonkathi. Kodwa uMuntu kaMoya oNgcwele . . .

218 Manje omunye angahle enyukele lapha enezibazi zezipikili ezandleni zabo, nameva konke phezu kwamehlo abo. Lowo nje bekungaba ngozifanisa nomunye. Lowo bekungaba ngumkhohlisi. Noma ubani ubengakwenza lokho. Kodwa ngisho nakulokho, uma kungakuvezanga ukuPhila kukaKristu, bekusayolokhu kungesuye uKristu. Niyabo? Qhabo, kuzofanele kube ukuPhila kukaKristu manje.

219 NeBhayibheli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Manje nina bantu khona lapho eningenawo amakhadi omkhuleko, manje asithathe into ethize nje, futhi sisho manje sisakhuleka, vele uthi nje, "O, mPristi oMkhulu, Jesu Kristu, Nkosi yami noMsindisi!" Uma kukhona isono empilweni yakho, sivume, sikhiphe.

220 Nani enisemgqeni womkhuleko, yenzani into efanayo, ngoba makuqinisekisiswe sizobizwa sizwakale khona lapha. Niyabo? Uma unephutha nganoma yini, ukuthi awufuni ukubizwa uzwakale lapha emsamo, suka emgqeni. Isizathu, bangaki abakwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane, sizobizwa khona lapha. Ngakho sifake phansi kweGazi, niyabo, ngakho, futhi—futhi uthi nje, "Ngithethelele ngezono zami—zami futhi ungisize ukuba ngiKukholwe. Futhi ngiyagula, Nkosi, futhi ngifuna ukusinda ngenkazimulo yaKho." Niyabo, uNkulunkulu akaphilisi nje ukuba kube ngukuphilisa. Niyabo? Qhabo. Ukwenzela iNkazimulo kaNkulunkulu. Futhi sifanele sivume izono zethu nokungakholwa kwethu.

221 Futhi bukani ubaba owaletha umntwana enesithuthwana, abafundi ababengeyikuselapha. UJesu wathi, "Ngingakwenza, uma ukholwa."

222 Wathi, "Nkosi, ngiyakholwa! Siza ukungakholwa kwami." Niyabo? Wa—wa—wakhala ngoba wayesekudingeni.

223 Manje wena lapho, khuleka kuNkulunkulu futhi uthi, "Nkulunkulu, uMfowethu Branham akangazi. Akangazi. Kodwa ngiyazi Wena uyangazi, ngakho mangithinte ingubo yaKho. Mangithinte ingubo yaKho, ngoba UngumPristi oMkhulu. Futhi manje-ke Wena khuluma ngoMfowethu Branham futhi usho njengoba Wenza kowesifazane owathinta ingubo yaKho emhlabeni. Ngoba, uma UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, 'onguyena izolo, namuhla, naphakade,' Uzofanele enze ngendlela efanayo."

224 Bangaki enicabanga ukuthi bakholwa, ngalolosuku ngenkathi lowo wesifazane eMthinta wayesehamba wayesehlala phansi na? Nicabanga ukuthi kwabathonya abantu lapho na? Niyabo, mhlawumpe kwa—kwabathonya. Awu, kwakungabathonya. Ngani, thina beZizwe balolusuku, siyabonga nje ngoJesu. Besifanele sibonge kakhulu. Niyabo?

225 Nalona wesifazane omncane waMthinta, wawela wayesehlala phansi. UJesu wathi, "Umzuzwana nje. Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?"

226 Ngani, uPetru waMkhuza, wathi, "Nkosi," ngamany'amazwi, "kungebe yinto esile kuWe ukusho lokho. Ngani, Waziwa kahle phakathi kwabantu, njengomProfethi. Ngani, kungani Uthi 'ubani oNgithintile,' futhi wonke umuntu uyaKuthinta na?"

227 Wathi, "Yebo, kodwa, ngenye indlela, lokhu kube wuhlobo olwehlukile lokuthinta. Uyabo? Uyabo, kuphumile kiMi amandla, ukuqina."

228 Wayeseqalaza waze Wamthola owesifazane, wamtshela ukuthi wayenomopho. Futhi wezwa emzimbeni wakhe uqobo ukuthi kwase kunqamukile, ngokuba Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Niyabo?

229 Manje UngumPristi oMkhulu ofanayo. Futhi manje uma nje ningaMthinta!

230 Manje, ukuthinta mina bekungenze nolunci oluhle. Ngifana nomyeni wakho nje, umfowenu, uyihlo, uyabo. Ukuthinta omunye wabelusi, bekuzokwenza into efanayo nje. Niyabo? Kodwa thintani Yena, NguYe. Anginazi. Angazi lutho ngani. Bengingeniphilise. Ukuba bengingakwenza, impela bengiyokwenza; kodwa ngingekwenze. Ngingekwenze Asevele ekwenzile.

231 Manje ukuba Ubemi lapha, Ubeyovele nje Azazise ukuthi Uphakathi kwenu. Kucabangeni nje. Manje siyazi sonke sibheke entweni ethize khona manje. Singakuzwa lokho.

232 Manje, kukhona okulungile nokungalungile. Kunezindlela eziningi kakhulu ezehlukene ezikhombayo, ukuthi, "Awu, yi*le* indlela, *leyo*." Kuzofanele kube nendlela eyiyo ndawondawo.

233 Nokucabanga ukuthi yena impela uNkulunkulu, ozonehlulela ekwaHlulelweni, ukuba ehlele ngqo lapha phakathi kwenu futhi ame nani khona lapha! "Lapho kukhona ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi, Ngikhona. Niyabo, imisebenzi engake Ngayenza," Uzoyenza futhi. Wethembisa ukuwenza. "Nina ningofakazi baMi; Jerusalema, Judiya, New York City, niyabo, izwe lonke."

234 Futhi hlalani nje nithule ngempela, futhi nikhuleke. Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu. Ningangabazi. Kholwani nje ngakho konke okuphakathi kini, kholwani (umphefumulo, umzimba, nomoya) futhi uNkulunkulu uzonipha khona.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

235 Mdali omkhulu wamazulu nomhlaba, konke engikumele lapha kulobubusuku futhi ngakusho, akuzukubalwa ngaphandle uma Wena ufika futhi ufakazisa ukuthi kuqinisile. Sizwe okuningi kakhulu, nabantu uzwe okuningi kakhulu. Manje izwi elilodwa elivela kuWe, Baba, lizokwenza konke kube ngokuqinisileyo. Futhi sibheke lokho.

236 Manje, siyazi ukuthi Ukhuluma kuphela ngezindebe zomuntu. Wenza abantu ukuba basebenzele Wena. Ngolunye usuku Wawumile, Wathi, wabuka phezu kokuvuna wawusuthi, "Kuvuthiwe," wathi, "khulekani eNkosini yokuvuna ukuthi Izothumela izisebenzi ekuvuneni kwaYo," futhi WawuyiNkosi yokuvuna. Kodwa Uxhumene kakhulu nohlelo lwaKho, Wena nabantu ndawonye, awenzi lutho ngaphandle kwalokho.

237 Manje ngiyakhuleka, Nkulunkulu. Futhi nje uma Ubungangigcoba, futhi ungagcobi lezizethameli, ukuba zikholwe, akuyikusiza ngalutho. Sizofanele sibe ndawonye njengobunye obubodwa, njengodadewethu nabafowethu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosigcoba kanyekanye, ukuze sibone futhi, futhi ngaleli inganeno lePhakade, iNkosi uJesu ekhazimulayo, omkhulu kunoSolomoni elapha. Sikucela eGameni laKhe. Amen.

238 Manje ngifuna lokhu nje kube ngukuhlonipha ngokuzithoba ngakho konke eningakwenza manje. [Umshayi wopiyano uqala ukushaya elithi *Kholwa Kuphela*—Umhl.]

239 Ngoluny'usuku, uma ngifa, uma sebengifaka ethuneni, bayobe beshaya lelo, niyazi. Uma nizwa ukuthi sengishonile, ningakholwa ukuthi ngifile. Angifile. Kodwa nime nje ndawondawo, uma nikuzwa emsakazweni noma ndawondawo,

nikufunda ephepheni, nicule leloculo nje (aniyikukwenza na?) futhi nikhumbule nje yilo, nje "kholwa kuphela."

240 Manje, ezethamelini, akukho noyedwa umuntu kulowomugqa engimaziyo. Uma ngamunye wenu kulowomugqa niyizihambi kimi, futhi niyazi ukuthi angazi lutho ngani, angazi lutho olungalungile ngani. Phakamisani izandla zenu nje, nikusho. Manje mhlampe niyagula; mhlawumbe abanjalo. Angazi. Kungahle kube yizinkathazo zezimali, izinkathazo zasekhaya. A—angazi.

241 Kodwa manje uma inenekazi elincane lapha lizosondela nje, niyabo. Ngiyabonga, lokho kulungile. Manje nangu owesifazane osemncane kakhulu kunami. Mhlawumbe sihlukene ngeminyaka ngokuzalwa, amamayela ukwehlukana. Ukuqala kwethu kokubonana. Manje ulapha ngesizathu esithize. A—angazi. Yena, mhlawumbe ukugula. A—angazi ukuthi iyini inkathazo yakhe. Noma ngabe iyini inkathazo yakhe, uNkulunkulu uyazi. Futhi uma Eyembula, khona-ke uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha.

242 Manje uma inenekazi elincane belingathi, "Mfowethu Branham, ngigula ngokwesabekayo. Ngi—ngi. . .isisu sami siyangihlupha. Ngi—nginokudikiza, noma—noma enye into ethize." Libukeka njengomuntu ophilile, kodwa ungeke njalo wahamba ngalokho.

243 Futhi uma belingasho lokho, bengizothi, "Awu, iBhayibheli lathi, 'Nibeke izandla phezu kwabagulayo.'" Leyo bekungaba yindlela uMfowethu uRoberts abengalikhulekela ngayo, uMfowethu Allen, noma amaningi amadoda. Leyo yinkonzo yawo. Khona-ke abezobeka izandla phezu kwabo, athi, "Sathane, mdedele, ngeGama likaJesu. Ngiyakukhuza, Sathane," noma into efana naleyo. Athi, "Qhubeka manje, usuphilisiwe." Lifanele likukholwe lokho. Niyabo, lokho bekungalunga.

244 Awu, manje, uma ke linesono esithize esifihliwe lapho ndawondawo na? Ubungathulule igalane lamafutha phezu kwalo, uligcobe kaninginingi, ligxume phansi phezulu, futhi lidazuluke; lelodemoni liyolala lapho ngqo. Isono esingavunyiwe. Awusoze waligudluza. Qhabo, mnumzane.

245 Kodwa manje uma uMoya oNgcwele ungehla futhi ulitshele into ethize ebikhona, liyazi ukuthi lokho ngabe kuqinisile noma qha, bese-ke ulitshela ukuthi kuzoba yini. Uma lokho "bekuyikho" kuqinisile, o "kuzoba yikho" kuzobe kuqinisile. Akunjalo lokho na? Manje lobo ngububele beNkosi yethu ethandekayo, izama ukuhlanganisa ndawonye uMlobokazi waYo ngalolu izinsuku zokugcina, niyabo, Eyethembisa ukukwenza. Bangaki abebengakholwa kuYo ngayo yonke inhliziyo yenu, uma Ibingenza into enjengaleyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

UNkulunkulu anibusise ngokwethembeka kwenu. Manje lena yi—yi . . .

246 Uma nifuna ukufunda . . . ngiyanicela, uma ningibambe ngiphumile emBhalweni, ngitsheleni kanjalo. Niyabo? Ngibhaleleni incwadi noma nitshele omunye wabelusi, futhi ningitshela lapho nginephutha khona. A—angifuni ukuba nephutha. Ngifuna ukuba ngoqinisile, futhi kuzofanele kube yileliZwi.

247 Manje asithathe nje okuncane nje njengalokhu, asithathe uJohane oNgcwele 4 impela futhi. Nangu owesilisa nowesifazane bebonana kungokokuqala kubo, njengeNkosi yethu nowesifazane waseSamariya. Babonana kungokokuqala kubo, noJesu wakhuluma kuye isikhashanyana waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Inkathazo yakhe kwakuyisimilo esibi. Futhi Wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, futhi ngokushesha wakuqonda lokho, ukuthi Wayefanele ukuba ngumprofethi. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Wathi, "Siyazi uMesiya uyeza. Nxa Efika, yilokho Azokwenza."

UJesu wathi, "NginguYe." Niyabo?

248 Manje, uma leyo kuyindlela Azikhomba ngayo Yena uqobo kubantu izolo; Yena, uma Efana namhlanje, Ubeyofanele azikhombe Yena uqobo ngendlela efanayo. Manje, uma uMoya oNgcwele ubuzosho lokho kuye, khona-ke ubezokwazi ukuthi kuzofanele kuvele ekuchazeni okuthize kokomoya. Kungeke kwavela kokwemvelo. Kube ngokuchaza okuthize kokomoya. Manje angahle asho njengabaFarisi, "NguBelzabule," khona-ke lokho kukuye. Uthi, "NguKristu," khona-ke lokho kukuye nakuKristu futhi, niyabo, noma ngabe kuyini.

249 Manje hloniphani ngempela. Ngilindele umzuzwana, walolоGcobo. Yilokho engikumeleyo, niyabo. Ngoba, Lungahle lungafiki ngisho nhlobo. Uma Lungafiki, khona-ke sizokhothamisa amakhanda ethu futhi sikhiphe izethameli, futhi sibuye kusasa ebusuku futhi siMcele uma Ezo . . . Akakaze ehluleke kimi namanje. Manje, ngaphambi kwamakhulu ezinkulungwane, ngesikhathi, Akakaze ehluleke manje. Futhi Akayikwehluleka ngalesisikhathi. Ngiyazi Angeke. Ngiyazi Angeke. Niyabo, ngiyazi nje Angeke.

250 Ngakho, niyabo, nginakho emqondweni wami ukuthi sekwedlule isikhathi sokuvala. Ningeke naba ne . . . ningeke naxakaniseka, noMoya oNgcwele usebenza ngani; nizofanele nizinze. Manje uma kukhona ukukhokhiswa okwengeziwe ngalobubusuku, ngizokukhokhela, niyabo. Yilokho-ke. Sathane, ungeke wasikhohlisa kanjalo.

251 Ngithatha isiyalo nokuyala phezu kwabo bonke omoya abaphakathi lapha, eGameni likaJesu Kristu. Manje nje . . .

Ngizokhuluma enenekazi elincane. Manje uma uMoya oNgcwele, dade, nje . . .

252 UJesu wakhuluma kulelinenekazi umzuzwana nje ukubamba umoya walo, niyabo, ukubona ukuthi yini eyayingalungile. Ngikholwa ukuthi yilokho Akwenzile. UBaba waMthumela enhla lapho, futhi wayeswelekile ukudlula eSamariya. Kodwa Esenyukele lapho, yilokho kuphela Akwazi, Wayesenhla lapho. Nakhu kuza owesifazane, Wazi ukuthi leso kufanele kube yisikhathi.

253 Manje uBaba ungithumele enhla lapha. Ngilapha, eNew York; nawe ulapha, umuntu wokuqala emsamo kulobubusuku. Angazi, kodwa Uzokwembula kimi. Uma Ezokwembula, ngabe kuzokwenza uMkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uzokwemukela na? Uzokwazi ukuthi ngabe kuqinisile noma qha, uyabo. Kungesikho ukwazi wena, futhi ngiyisihambi kuwe; kodwa inkathazo yakho, oku . . . Unezinkathazo eziningana. Kodwa inkathazo yakho enkulu oyifunela umkhuleko, isemphinjeni wakho. Unenkathazo yomphimbo. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Umzuzwana nje. Manje, lokho kuzolunga.

254 Wena uthi, "Ungahle ukuba ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham." Qhabo, angizange. Njalo lokho ngikubamba kuvela ezethamelini, "Ukuqagelile lokho."

255 Manje umzuzwana nje, ake sikhulume nalo lodwa. Unakho ukuzwa ukuthi ikhona into eyenzekayo, uyabo.

256 Manje ezethamelini. Bangaki ababone lesosithombe seNgelosi yeNkosi, lokho kuKhanya na? Kulenga eWashington, DC Niyabo, Lokho kulenga ngqo ngakulo manje. Niyabo? Ningekubone Lokho na? Kufana ne . . . Kusobala, uGcobo selulapha manje. NgingaLubona, niyabo. Luphezu kwalo ngqo.

257 Yebo, Nantu. Line, yebo, inkathazo yalo isemphinjeni walo. Kade likhathazekile. Futhi, awu, line—nesigaxa emphinjeni walo. Kunjalo impela. Akusikho lokho kuphela, kodwa unenkathazo yendlala yegilo ekuhluphayo. Lokho kunjalo na? Uyabo? Kulungile. Usuyakholwa manje ukuthi lowo nguJesu Kristu emi lapha okwaziyo wena nakho konke ngakho na? UyaMemukela njengomphilisi wakho na? [Udade uthi, "Ngiyamemukela."—Umhl.] Hamba futhi usinde, eGameni leNkosi.

Umugqa, niyabo, bonani nje. Wazi izinto zonke.

258 Sawubona, ntombi? Manje uthe nje ukwethuka kancane, uyabo, ngoba kuthe nje kungenyuka, inenekazi liyenyuka, lokho kuKhanya kuza ngqo phezu kwalo. Niyabo? Futhi linokuzwa. Manje buka. Angimazi owesifazane. A—angazi lutho ngaye. Kodwa umi lapho, owesifazane nje omncane. Futhi manje uma uMoya oNgcwele ungembula kimi ukuthi siyini isifiso sakho kuNkulunkulu! UngumKristu, uyabo. Futhi ngakho uma—

uma ubungesuye, manje, Ubezongitshela lokho, uyabo. Kodwa ungumKristu, ngiqonde umKristu wangempela. Futhi uma Ezo, uma Ezokwembula kimi ukuthi ziyini izifiso zakho kuYe, ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku na? Bengifanele ngisho lokho, niyabo, isikhathi sizofika, uyabo. Ubungakholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Uyazi ukuthi ngiyisihambi kuwe.

259 Manje, ngempela awukho lapha ngesingawe. Ngibona o—owesifazane, owesifazane omdala, kunjalo, ngumama wakho. [Udade uthi, "Yebo!"—Umhl.] Ehhe. Futhi akekho lapha. Futhi u. . . Ubukade uphatheke kabi kakhulu ngaye. Ukhathazekile, futhi, ngomdlavuza. Futhi uyamangala ngezimo zakhe. Uyakholwa, nenekazi elincane, ukuthi lokho nguMoya oNgcwele owenza lokho na? ["Amen."] Manje thatha leloduku esikhwameni sakho semali futhi uye ekhaya. Uma ubona umama wakho, noma ulithumele kuye, futhi—futhi ulibeke noma uthumele iduku kuye esikhumbuzweni salomkhuleko kulobubusuku. Futhi ungangabazi enhliziyweni yakho. Kodwa kholwa ukuthi uJesu. . . [Udade ukhuluma kuMfowethu Branham.] Yebo, futhi ubumnyama buzomshiya, futhi uzo. . . Uzoba kahle. Hamba manje, futhi iNkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

260 Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje, nje ungangabazi. Yiba nokukholwa nje.

261 Manje umzuzwana nje, ngiyaxolisa umzuwana nje. Into ethize yenzekile. Bekukhona omunye obonakele lapha. Nje bekungubani inenekazi elikhulekelwe lapha nje, likuphi lapha na? O, yebo, bekunjalo. Umzuzwana nje. Qhabo. Umzuzwana nje, uMoya oNgcwele. . . Kukhona omunye ozayo. Niyabo, NgukuKhanya, futhi ku. . .

262 Yebo, yilelinenekazi eliyikhaladi elihlezi khona lapha. Yebo, ubuhlezi lapho ukhulekela ukuphiliswa. Manje, uyisihambi kimi. Angikwazi. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Uyakholwa ukuthi ibhiphi izokuyeka, futhi uzosinda na? Yilokho obukukhulekela. Uyabo? Kukholwe. Lithinteni na? Angeke langithinta mina, liqhele kude kakhulu kimi. Lithinte umPristi oMkhulu onokuzwelana kobuthakatha bethu.

263 Kholwa nje. Manje, uyabo, awudingeki ukuba wenyukele lapha. Yiba lapho. Kholwa nje, yilokho kuphela engicela ukwenze. Kholwa nje.

264 Nanti inenekazi lihlezi khona emuva lapha, liqalaza ngapha, likhuleka. Alizikhulekeli lona. Likhulekela othandiweyo. Ngenxa yokuthi lokhu. . . Omunye usanda kusuka lapha, obekhulekela othandiweyo, inenekazi likamama walo. Kodwa lelinenekazi likhulekela uyise. Futhi uyise, ngibona ulwandle olugubhayo, a—a—aka. . . Ungowaphesheya kwezilwandle noma

okuthize, eNorway, owaseNorway. Kunjalo impela. Kholwa eNkosini uJesu, ntombi, noyihlo uzophiliswa.

Manje ithinteni na? Ibuzeni ukuthi iyangazi yini.

265 Ngabe yilokho obukhuleka mayelana nakho na? Vayizelisa izandla zakho uma lokho kunjalo. Kunjalo. Siyizihambi. Kunjalo na? Kunjalo. Kulungile. Unaso isicelo sakho uma kuphela uzosikholwa.

266 Lithinteni, liqhele ngamayadi angamashumi amabili ukusuka kimi? Lithinte umPristi oMkhulu, niyabo, hhayi mina. Angilazi. Kodwa lithinte umPristi oMkhulu, iNkosi uJesu othandekayo Onathi kulobubusuku.

Uyisihambi. Ngabe yilesisiguli, ngabe yilomuntu na?

267 Niyabo, ngifanele ngilandele Lokho nje ngendlela oKungihola ngayo, niyabo. Njengalowowesifazane, niyabo, Umcaphunile. Niyabo, u—uthinte uNkulunkulu, ngaYe. Awu, labobantu khona lapho, yilokho abakwenzayo, bathinta uNkulunkulu. Niyabo, nje yi. . .Ngifanele ngiphenduke ngendlela oKusebenza ngayo.

268 Manje, siyizihambi omunye komunye. Angikwazi. Angikaze ngikubone empilweni yami. Siyizihambi. Ngakho abantu bazobona ukuthi siyizihambi, asazani. Manje uma iNkosi uJesu manje ibingembula kimi enye into owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, khona-ke lokho bekuzofanele kufike ngaMandla angaphezu kwemvelo. Uyabo, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, uma ufuna ukuphiliswa. . .Angazi ukuthi yilokho okufunayo, uyabo. Ngezinye izikhathi kungokomunye umuntu, nenkathazo yezasekhaya, ezezimali, nezinto. Kodwa Angakunika konke. Uma Azi ukuthi udingani, Angakwembula kimi, uyabo. Bese kuthi-ke uma Ekwenza, khona-ke uyazi ukuthi nguYe. Uyabo, uyazi ukuthi kufanele kube nguYe.

269 Ngabe lokho bekunganenza nonke nikholwe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, kholwani.

270 Manje, ubonakala engumuntu onomoya omuhle. Niyabo? Manje ake sixoxe umzuzwana nje.

271 Manje Kusukile, Kuye ezethamelini. Omunye. . .Hloniphani nje, niyabo. Yilowo mdonso omkhulu wokukholwa. Kukuthatha nje ngqo. . .Niyakuzwa, amandla! Ngishumayele cishe ihora nohhafu, nombono owodwa ungenza ngibe buthakathaka kakhulu kunoma ngishumayela amahora ayishumi. Ukuqina, *amandla* nguku "qina."

272 Niyabo, nenza lokho. Akusimi. Angikwenzi. Lemibono akusimina. Yinina enikwezayo. Ngukukholwa kwenu kuNkulunkulu, okukwenzayo. Akusimi. Angikwenzi. Ngi—ngihleli lapha nje njengomele. Njenga *lokhu* lapha, lokhu kungo—lokhu kungokuthule, lombhobho, ngaphandle uma kukhona iphimbo eliphilayo elikhuluma kuwo;

ungekhulume, ngesingawo. Kanjalo nami ngingekhulume. NguYe, Ongophilayo, uKristu, Ongophilayo, Uyakhuluma futhi Uyazi ukuthi ningobani futhi nenzeni.

273 Asibuyele ekuxoxeni nenenekazi futhi. Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi into ethize empilweni yakho, ukuthi u . . . mhlawumbe okufuna kuYe. Isizathu, ngukuba yikholwa, u—uMcela into ethize. Futhi uma Ezoyembula kimi, uyakholwa ukuthi ubungayemukela na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ubuzoyikholwa na? Manje, inkathazo yakho isesiswini. ["Yebo."] Ukuhlolwa kukhombise ukuthi isisu sakho siwile. ["Yebo."] Kunjalo. Ngabe kunjalo na? ["Yebo."] Futhi nansi enye into ekuhlolweni, bathola ukuthi unethumba esiswini sakho. ["Yebo."] Kunjalo na? ["Yebo."] Uyakholwa na? ["Yebo."] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? ["Yebo."] Nkk. Willard, qhubeka uye ekhaya manje futhi ukholwe.

274 Nina, niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje buzani inenekazi. Asikaze sibonane empilweni. Kodwa, nguMoya oNgcwele, Ulapha. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ngitsheleni uma ninesikhathi esenele manje, niyabo, lapho . . . ? . . .

275 Manje, sawubona, mnumzane? Manje siyizihambi omunye komunye. Futhi uyaqonda ukuthi ngoluny'usuku sizofanele sihlangane noNkulunkulu. Futhi ngokuba yisihambi kimi, nami kuwe, uma iNkosi uJesu ibingembula kimi izinkathazo zakho, ubungakholwa ukuthi yiYo na? Futhi uyazi ukuthi mina, umuntu, bengingeke ngikwazi lokho. Kodwa bekuzothatha Yena ukukwenza. Ngabe kunjalo na?

276 Ngiyakuzonda ukusho lokhu. Umfana usibekelwe yithunzi, niyabo, kunobumnyama phezu kwakhe. Futhi yi—yinto enzima kakhulu engalungile. Unomdlavuza. Kunjalo. Ne eksreyi ikhombise futhi yembula ukuthi umdlavuza usesiswini, kanti futhi usodongweni lwesisu. Use . . . Kunjalo na? Yilapho engibona khona isithombe, i eksreyi. Usodongweni lwesisu. Manje lokho kusho ukuthi ufanele uhambe masinyane; uma kungenjalo, uNkulunkulu akusize. Uzokwemukela, mfowethu na? UJesu . . . Umdlavuza awulutho kuJesu Kristu, awungaphezu kobuhlungu bekhanda. Uyakukholwa na? Manje into ethize yenzekile nje kuwe. Ubenokuzwa okuhle ngempela, uyabo. Manje uma uzoqhubeka nokukholwa kanjalo! Ithunzi lisukile kuwe. Uyabo? Ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba, ukholwa manje, kwangathi uNkulunkulu uzokusindisa.

277 UNkulunkulu angasiphilisa isifo samathambo. Awukukholwa lokho na? [Isiguli sithi, "Amen."] Awu, qala nje ukuhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

278 "Uma ukholwa! Konke kuyenzeka kulabo a—abakholwayo." Kulungile.

279 Kuthe ukukwenza uzwe ngokuxakile ngenkathi ngithi "isifo samathambo." Yilokho onakho, futhi, kul'khuni ukuba usukume, ekuseni, kuyakugogobalisa. Sekuphelile manje, uma uzokukholwa. Buyela emuva, hamba ukukholwe. INkosi ikubusise. Kukholwe nje.

280 Isimo sesifuba somoya lapho, uyabo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa lokho na? [Isiguli sithi, "Amen."—Umhl.] Memukele, hamba noJesu Kristu uyakusindisa, futhi kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

281 Ufuna ukuhamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, ukujabulele; inkathazo yesisu iphele, futhi uhambe futhi usinde na? Hamba, kukholwe. Uma ukholwa!

282 UNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yeqolo, noma yini enye. Awukukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi Ubengaliphilisa elakho na? Hamba ngendlela yakho, ujabula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

283 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa inkathazo yenhliziyo na? Hamba-ke, kukholwe.

284 Unenkathazo yamanenekazi, nento eyodwa, nesifo samathambo. Kunjalo na? Uyakholwa ukuthi Ungumphilisi wobuNkulunkulu na? Memukele njengoMphilisi wakho. Hamba ujabula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

285 Unenkathazo yamanenekazi esikuhluphe isikhathi eside. Unenkathazo yenhliziyo futhi. Isithi ayikubulale nje. Une—unephampayo, inhliziyo ephampa kancane. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi akusophinde kukuhluphe. Hamba, futhi kukholwe.

286 Isimo segazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angenza lelogazi, libuyise lesosimo sokuphaphatheka kwegazi, futhi alisindise na? Uyakukholwa lokho na? Kulungile, hamba ukholwa, lesosifo sikashukela angeke sisakuhlupha. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

287 Uyakholwa ukuthi Usekuphilisile wena uhlezi lapho na? Uyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu, ekusindisa ngokupheleleyo, ngakho konke na? UNkulunkulu akubusise. Hamba ngendlela yakho futhi ujabule. Amen.

288 Leyonkathazo yeqolo ibingeke isakuhlupha futhi, bekuzokwenza uzizwe ukahle ngempela, bekungeke na? Kulungile, hamba ujabula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

289 Igazi, egazini lakho, liconsa libe lincane; isifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo sikashukela na? Asiye eKalvari siyothekela igazi. Uzosisusa kuwe.

290 Unenkathazo yesifuba. Awunayo na? Bengizokubiza, emizuzwini embalwa edlule. Emizuzwini embalwa edlule nje ubungibuka, ngase ngijika ngase ngikubuka, kwase kuqondana iso lami wase ubheka phansi; ukuzwa okuxake ngempela kufika phezu kwakho, inkathazo yesifuba yasuka kuwe. Ayisekho. Bekuyisimo semithambo ecinanise isifuba sakho. Uyakholwa.

291 Ucabangani khona lapho, nalesosifo samathambo, uhlezi ekugcineni kwesihlalo, uyakholwa na? Sukuma, uJesu Kristu uyakusindisa.

292 Nginiphosela inselelo ukuba nikholwe uNkulunkulu, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade! Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Uma nikholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Angehluleke. UnguNkulunkulu, iNkosi uJesu ethandekayo, amandla aKhe avukileyo, inkomba yaKhe. Ngamunye beka izandla zakho phezu komunye.

293 Baba waseZulwini, isitha siyabaleka. Isitha sehluliwe. UJesu Kristu uyaphila futhi uyabusa. O Nkulunkulu, yiba nesihawu futhi uphe ukuphiliswa kwalababantu.

294 Sathane, uhluliwe empini! UJesu Kristu u—unqobe ukunqoba kulelihholo kulobubusuku. Uyadalulwa. Ungukukhohlisa nje; futhi sibiza isandla sakho, othandweni lwaseKalvari. Phuma kulababantu, eGameni likaJesu Kristu, futhi bayeke futhi ubadedele!

